# *YiMina, Ningesabi*

Sanibonani kusihlwa, bangane. Impela, angikufanele ukunconywa okukhulu kangaka engisanda kukunikwa nguMfowethu Bigby, ngethemba ukuthi ngingaphila into efana naleyo. Futhi ngiyajabula, kulobubusuku, ukubuyela lapha. Sisanda, kudabula izwe, futhi besiphezulu no, uMfowethu Parker Thomas engqungqutheleni yakhe, futhi ngenkathi ngazi ukuthi besizoba kulesisifunda, bengilokhu nginothando olunjalo nenhlonipho ngoMfowethu Bigby, nangalababantu, ngikuthatha ngokuthi kuyinhlanhla enkulu ukwazi ukufika kulobubusuku, futhi okwalobubusuku nakusasa ebusuku.

2 Futhi ukwazi, khona-ke, futhi, ngizwa nje ukuthi uMfowethu Ned Iverson, umngane omkhulu, umfundisi omkhulu weVangeli, uzoqhubeka. Futhi ngicabange ukuthi ngizoza kulobubusuku, futhi ngashumayela kakhulu kakhulu phezulu lapho, isikhathi sokugcina kuleyongqungquthela, ngi, ngathi ukushumayela nje amaphaphu ami aphuma, futhi uMfowethu Ned uzokwenza ukushumayela ezansi lapha, futhi ngakho ngicabange ukuthi ngizoza nje futhi ngikhuluma kini ngoJesu, lokho nje ebengikwazi ngaYe, futhi ngikhulekele abantu abagulayo.

3 Futhi ngakho, njengoba ngikhumbula, ngenkathi ibandla lapha lalikhona, ngikholwa ukuthi lalisanda kwakhiwa, noma, uMfowethu Bigby wayesanda kulengamela, noma ngandlela thize, futhi angisoze ngazikhohlwa lezozinsuku ezikhazimulayo esasingazo lapha. Bengikhuluma, ngehla ngesitaladi, ngikholwa ukuthi sekube cishe—cishe iminyaka eyisithupha nezinyanga ezintathu, noma into ethize efana naleyo, selokhu ngaba lapha. Nalababantu abalungile kuyoyonke iningizimu nempumalanga, kuyinhlanhla enkulu ukuhlanganyela.

4 Manje, kulobubusuku, sinomelusi kanye nathi ovela etabernakele, o—othatha indawo yami ngenkathi ngisahambile, ngicabanga ukuthi mhlawumbe wethuliwe, uMfowethu Neville. Sinabanye futhi abelusi lapha bamabandla angodade, uMfowethu Bryant, ngiqagela bonke, uMfowethu Collins. UMfowethu Willard Collins, umfundisi weMethodisti, usanda kwamukela uMoya oNgcwele maduzane nje, futhi usekukholweni, noMfowethu Neville naye wayengumfundisi weMethodisti, uMfowethu Jackson wayengumfundisi weMethodisti, futhi ngakho kubukeka sengathi amaMethodisti ezansi ezindleleni zethu eza ngqo nje. Ngakho—ngakho lapho . . .

5 Niyazi, ngithanda ukucabanga ngalokhu njengalowomthombo wokugcina uJakobe awumba, "Kukhona indawo yethu sonke," niyazi, akekho ofanele asixoshe. Futhi

ngicabanga ngobunye ubusuku, ukuthi iPhentekoste a—ayiyona i, empeleni, inhlangano, Yi—Yi—Yinhlanganyelo, Yisehlakalo, futhi sonke singahlanganyela futhi sibe nesikhathi esimnandi.

6 Futhi ngakho, ukuba lapha kulobubusuku, nokuzama ukugcwalisa ipulpiti lapho uthisha onomusa njengoMfowethu Bigby, uhlelo olukhulu lolo, futhi ngeke ngizame ukukwenza nhlobo. Futhi khona-ke ukwazi ukuthi emva kokuba ngi—sengihambile kusasa, noma, kusasa ebusuku, ukuthi uMfowethu Ned Iverson. . .

7 Ngineqiniso nonke niyamazi uMfowethu Ned, noMfowethu Vayle, nalabobafundisi abakhulu *lapho*, nobaba kaMfowethu Ned, indoda evelele, enye yawo, enkundleni namhlanje. Futhi—futhi umfo omncane njengami, ongawazi neze owami. . . Ngiyabazi nje o-ABC bami, kuthi akube yilokho kuphela. Niyazi ukuthi kuyini lokho na? Uku "Kholwa uKristu Njalo [Okusho ukuthi, "Always Believe Christ—Umh.]" *ABC*. Kunjalo. Ngakho mina, kuthi akube yilokho kuphela, ngicabanga ukuthi bekufanele ngikwazi. Abanye lapha bayazi, nonke nifanele nikugcwalise ngalapho, niyazi, ukuze ningene nje. Ngakho lokho kuhle kakhulu.

8 Si. . .Ngifisa sengathi bengingahlala leliviki futhi ngilalele uMfowethu Ned, futhi ngibe nenhlanganyelo eningi kakhulu kanye nani bantu nomelusi omuhle, kodwa ngifanele ngiye ekhaya ngoLwesine. . .NgoLwesithathu ekuseni. Ngifika lapho ngoLwesine ebusuku ngesinye isikhathi, ngelesishiyagalolunye, ngeleshumi nqo. Ngelesine noma ngelesihlanu nqo ngoLwesine ekuseni ngifanele ngiye e-Cow Palace oGwini lwaseNtshonalanga, futhi ngibe seLos Angeles ukuqala phandle lapho izinsuku ezimbalwa nje ngaphambili, noma, emva kokuba sengihambile lapha.

9 Futhi khona-ke ngikhuphukela oGwini lwaseNtshonalanga, yonke indlela eya eWashington, e-Oregon, naphezulu ungene eCanada, futhi mhlawumpe e-Anchorage, e-Alaska, ukuvala izinkonzo. Bese ngibuya ngiye phesheya kwezilwandle e—eTanganyika, e-Uganda, eKenya, naseNingizimu Afrika, futhi phansi ngidabula lapho, impela ngiyayidinga imikhuleko yenu.

10 Ngicabanga ukuthi niyazibuza ukuthi kungani ngigcwele izibazi ebusweni. Mhlawumbe abaningi benu babazi, cishe emavikini amane edlule isibhamu esikhulu se-Weatherby Magnum saqhumela ebusweni bami, futhi cishe, o, amathani ayisithupha omfutho angishaya ebusweni ngqo. Bekumele kususe amahlombe, ikhanda, nakho konke, kodwa niyazi, Wayazi ukuthi bengifanele ngenyukele lapha okwamanje, ngakho Wavele Wangishiya ukuze ngikwazi. Ngakho Akazange angithathe ngalesosikhathi.

11 Futhi ngakho, nganginjalo. . .Ngangihlale ngithanda ukudubula okuhlosiwe nokudoba, futhi ngithi ukujabula

iNkosi iyangivumela ngenze lokho, ngoba ngiyathanda ukuba ngaphandle emvelweni. Omunye wayesanda kunginika isibhamu esikhulu, kwakuyi—isibhamu esikhulu esiguquliwe, futhi ngakho isikhala esingenalutho asibholwanga kuso, futhi ngafaka igobolondo kuso, ngaphakama ukuze ngidubule okuhlosiwe, futhi yilokho kuphela engikubonile, kwakungumlilo obomvu uphakame cishe njenga*lowo*silingi. Futhi umbhobho wesibhamu waphuma amayadi angamashumi amahlanu phambi kwami, futhi isiphatho nebhawodi kwahamba amayadi angamashumi amabili nanhlanu noma angamashumi amathathu emva kwami, futhi kwanqamula amahlahla nezihlahla nezinto ezingizungezile. Futhi angazi, nguNkulunkulu kuphela ongivumele ukuba ngiphile, yikho konke.

12 Futhi isimanga ukuthi akuzange kukhiphe amehlo ami. Kwadubula izingcezu ezimbalwa ogebhezini ngqo lwekhanda *lapho*, kwase kushaya-. . .kwadabula izindebe lapha, futhi kwashaya kwakhipha lelozinyo lapho, kwakhipha ichopho lalo. Futhi izingcezu eziyishumi nanhlanu zahamba ngezansi nje kokubona kweso, zenza uhhafu wenyanga, kuzivimbela ekusikeni zikhiphe ukubona kweso.

13 Bangiyisa ngale kudokotela, wathi, "Into kuphela engiyaziyo, ukuthi iNkosi elungile kufanele ukuthi ibihlezi lapho, futhi ibingakalungeli ukuba inceku yaYo ihambe okwamanje." Kwakubonakala sengathi uSathane wayezama kanzima impela. Kodwa niyazi, ngi—ngijabula kakhulu ngokuthi UyiNdawo yethu yokuPhepha, U—UyiNdawo lapho esingafika khona futhi—futhi sizizwe siphephile.

14 Ngangishumayela ngobunye ubusuku ngokuthi *IGama LeNkosi Lingu—UMbhoshongo, Lapho Abalungileyo Begijimela Kuwo, Futhi Baphephile*. Anijabuli yini ukuba phakathi lapho, kulobubusuku na? INdawo enkulu yokuPhepha lapho i, yonke imicibisholo kadeveli idlule ngasesihlangwini sethu sokukholwa, ukwazi ukuthi simi kuleyoNdawo yokuPhepha, sibambelele kuKristu, siphephile njengoba singaba lapho. Hhayi ngisho ukufa, qobo lwakho, okungasilimaza, sesivele sifile. Izimpilo zethu zifihliwe kuNkulunkulu ngoKristu, zanamekwa ngophawu phakathi lapho ngoMoya oNgcwele. Akumangalisi yini lokho na?

15 Bengikhuluma, phezulu emhlanganweni ngobunye ubusuku. Ngathi. . .Angikwenzi. . .Izinto engizishoyo aziningi kakhulu, kodwa kanye ngankathi uMoya oNgcwele unginika Okuthize engingakusho, futhi nje ngiKwazisa kakhulu, ngiyaKuthanda nje. Futhi Wanginika okuthize, umcabango ngobunye ubusuku, ezansi ekhaya etabernakele ngaphambi kokukhuphuka. Futhi ku—kwakubonakala ku*yinto ethile* enkulu kakhulu eyavele yangibamba.

16 Ngangicabanga ngobufakazi, futhi ngangicabanga ngenkathi uJoshua eya ezansi, noma, awu, okokuqala ngenkathi u-Israyeli, abantu bakaNkulunkulu bonke babesebugqilini, babeyizigqila, futhi ba—babefanele bathathe lokho ababekunikiwe, babelahla isinkwa esikhuntileyo, bona . . . kwakudingeka bakudle kanjalo-ke. Ukube babe ne—indodakazi ethandekayo, futhi abaseGibhithe babefuna ukukhipha leyontombazane futhi bayidlwengule, noma yini . . . babengeke benze lutho ngakho. Babenendodana, umfo okahle, uma babefuna ukumbulala, kwakungekho lutho ababengakwenza, babeyizigqila. Yeka ukuphila okumelwe ukuba kwaba yikho kubantu bakaNkulunkulu, ukuba badingeke baphile esimweni esinjalo!

17 Kodwa ngolunye usuku, owehla ephuma ehlane, kwafika umprofethi neNsika yoMlilo imlandela. Futhi wabatshela ukuthi kukhona izwe elalichichima ubisi nezinyosi, futhi babengaba nekhaya okungelabo uqobo, bakhulise abantwana babo, futhi bahlale ngokuthula, uNkulunkulu wayebathanda, wayezobayisa kulelozwe. Akekho kubo ongakaze abe lapho, niyazi, ba—babefanele bathathe izwi lakhe ngakho, ngakho bamlandela baphuma.

18 Bafika endaweni ebizwa ngokuthi iKadeshi-barineya, esiqonda ukuthi iyisihlalo esikhulu sokwahlulela. Futhi kwakufanele kube yindawo enamanzi laphaya ogwadule, lapho kukhona umthombo omkhulu, neziphethu ezincane, ebesingangena emifanekisweni, futhi sithi lokho yisiHlalo sobukhosi sikaNkulunkulu, nezihlalo zokwahlulela ezincane, amabandla, izindawo zokuthengisela, lapho ukwahlulela kuqala khona endlini kaNkulunkulu.

19 Kodwa noma kunjalo, phakathi kweqembu kwakukhona iqhawe elikhulu phakathi kwabo, igama lalo kwakunguJoshuwa, okusho ukuthi “Jehova-Msindisi.” NoJoshuwa wahamba phambi kweqembu, wawela, wawela iJordani, wawelela ezweni lesethembiso, futhi wabuya nobufakazi bokuthi izwe lalikhona, nesithelo sasisihle. Amadoda amabili athwala isixha samagilebhisi, babenganambitha isithelo ngaphambi kokuba ngisho bafike lapho, bazi ukuthi kwakuwubufakazi bokuthi izwe lalilihle, uNkulunkulu wayengaqambanga amanga kubo, umprofethi wayengaqambanga amanga kubo, izwe lalikhona, futhi babesemngceleni walo ngqo.

20 Bawelela kulelozwe, banikezwa izingxenye ezehlukene, izizwe zabo. Futhi khona-ke bakhulisa imindeni yabo—yabo, batshala izitshalo zabo. Bahlala ngokuthula, babeyisizwe, babengabantu. Kodwa ekugcineni, ukuguga kwabafica, futhi bafa, umhlabathi omncane uba namabala ngamathuna emimangweni. Behlengezela izinyembezi benyukela ethuneni longcwele wabo, lapho bemmbela abathandiweyo babo.

21 Khona-ke ngeliny'ilanga, nakho kwafika elinye iQhawe elikhulu, WayeyiQhawe lawo wonke, uJehova ebonakaliswe enyameni, uJesu Kristu, iNdodana yaKhe. Wehla, futhi Wabatshela ukuthi kwakukhona iZwe elikude ngale kwalelizwe, kwakukhona iZwe lapho abantu bengaphindanga bafa. Futhi Wathi, "Kukhona ukuPhila emva kokufa." Futhi Wakufundisa iminyaka emithathu nengxenye.

22 Futhi khona-ke ngolunye usuku Wafika eKadeshi-barineya, lapho Amelela khona ukwahlulelwa kwethu sonke, isihlalo sokwahlulela sikaNkulunkulu, lapho khona uNkulunkulu athululela kuYe ububi, nenhlawulo ngobubi bethu, ulaka lukaNkulunkulu phezu kwaKhe. Futhi Wathwala emzimbeni waKhe izono zethu, futhi Wawela umfula esiwubiza nge, "Jordani," ukufa.

23 Kodwa ekuseni ngePhasika, njengoJoshuwa, Ubuya nobufakazi, umuntu uyaphila futhi emva kokufa. Babecabanga ukuthi kwaKungumoya, Wathi, "Ngithinteni, umoya awunayo inyama namathambo njengoba Nginjalo." Wathi, "Ninakho ukudla na?" BaMnika inhlanzi nesinkwa, futhi Wakudla. Khona-ke Wathi, "Ngizoninika isiQiniseko saleliZwe. Kodwa lindani phezulu lapho eJerusalema nize nithole iDiphozithi."

24 Ngakho benyukela lapho futhi balinda, futhi isiQiniseko sabuyiselwa kuleloZwe, futhi namhlanje singakujabulela Lokho. Thina manje, sizibala njengabafile futhi sambelwa naYe embhaphathizweni, sivuswe kanye naYe. Ukukhuluma ngokukamoya, thina manje, kulobubusuku, sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, sivuswe kanye naYe.

25 Manje siseMzimbeni kaKristu, kwabaseKorinte bokuQala 12, "NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizelwa eMzimbeni munye." Ngani na? Leso yisiQiniseko sefa lethu. Sesivele sineDiphozithi kukho, ukuthi siyazi ukuthi sedlulile ekufeni sangena ekuPhileni. Sibheka emuva futhi sibone lapho esake sabakhona nalapho esikhona manje, kukhona isono ezweni phansi lapho, futhi siphakeme ngaphezu kwaso, sihlezi naYe, iNkosi yethu, ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu. Ubufakazi obunje pho!

26 Futhi hhayi ngisho nokufa qobo lwakho . . . Lapho iqhawe elikhulu, uPawulu, efika ukubhekana nakho, wamemeza kakhulu, "O kufa, luphi udosi lwakho na? Noma, thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Kodwa makabongwe uNkulunkulu, Osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu." Kungcono ngikuyeke lokho, ngizobe ngishumayela.

27 Ngangisengqungqutheleni esikhathini esingeside esidlule futhi ngezwa inenekazi eliyikhaladi linikeza ubufakazi. Kuzwakala kungenanhlonipho, ningixolele, ngiyacela, ngokungahloniphi kwakho, kodwa kubonakala kufanelana kahle manje. Lasukuma ukuba linikeze ubufakazi, lithi, futhi

uma kukhona noma yibaphi abantu abangamakhaladi eduze, angiqondile ukwenza lenkulumo ngokungahloniphi, lathi, "O awu, mina ngifuna ukubonga iNkosi," lathi, "ngi. . .ngokuba lapha." Lathi, "Ngi—ngiyazi ukuthi mina angiyikho lokho ebengifanele ngibe yikho," futhi lathi, "khona-ke ngiyazi futhi, angisikho lokho engifuna ukuba yikho, kodwa," lathi, "iyodwa into engiyaziyo, angisikho lokho engangivame ukuba yikho." Ngakho, ngicabanga ukuthi kunjalo.

28 Yileyonto esingayisho ngalobubuFakazi, asisikho esasiyikho, *nakho* kuphansi *lapho*, ngaphansi kwethu. Futhi sivukile kuKristu, sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu nobuFakazi bokuPhila okuPhakade, ngokwemukela uMoya oNgcwele, njengoba Ethembisa ngoSuku lwePhentekoste siyoWemukela.

29 Futhi ngilapha, kulobubusuku, ukwabelana nani ngalokho. Futhi mina. . .UMfowethu Iverson, njengoba ngishilo, uzobe eshumayela. Ngicabanga ukuthi banezinkonzo kusasa lapha, futhi ngingathi, phumani futhi nizwe lenceku enkulu kaKristu, umfana oligugu. UMfowethu Iverson uyazabalaza, futhi sihlale ndawonye, futhi ngiyazi uNkulunkulu unokuthize ukwenzela uMfowethu Iverson.

30 Uyanxiba nje, uzama ukuthola indlela yakhe ngapho, njengoba ngangifanekisa ngobunye ubusuku, owesifazane ezama ukuthinta ingubo yaKhe. Ngaso sonke isikhathi lapho ezama ukuthinta, ngani, kukhona owayemvimba, kodwa wayephikelele, wavele wahlala lapho waze wakuthola ukuthinta. Futhi yileyondlela, qhubeka nje uphusha uze uthole ukuthinta, yiyonandlela kuphela yokukwenza; phikelela ngakho.

31 Futhi manje, ngize ukuzokhulekela abantu abagulayo, ngenkathi uMfowethu Iverson efika ukuzoshumayela kwabangcwele, kanjalonjalo. Futhi manje, ngithanda ukusho lokhu ngaphambi nje kokuba sifunde indikimba, futhi ngeke nginigcine isikhathi eside kakhulu, ngenxa yo. . .Phezulu lapho ngagcina abantu kwaze kwaba phakathi kwamabili njalo ebusuku. Futhi ngisanda kuqeda nje ukushumayela ekhaya, intshumayelo emfushane nje, amahora ayisithupha, futhi angizizwa kahle *kangako* kulobubusuku, nokho.

32 Ngakho mina, ngakho manje, ngiyacabanga, nokho, ngenkathi sisa. . .Sifuna ukuza enhlanganyelweni manje cishe imizuzu engamashumi amathathu ngaseZwini, kancanyana nje, ngaseZwini lomdlalo wasesiteji.

33 Futhi ngicabanga ukuthi enye yezinto enkulu kunazo zonke umKristu angacabanga ngayo, bekungaba ukwazi ukuthi bayini, manje, eBukhoneni bukaJesu Kristu. Sikhuluma ngaYe, siyaMkhonza, sicabanga ngaYe, futhi sifunda ngaYe, futhi manje, ukuba nobufakazi obuqondile bokuthi Lowo

Owaloba iZwi ulapha nathi. SiyaMbona ehamba, uBukhona baKhe, njengokubuka iNto ethize ihamba ezethamelini, futhi nabantu, nakubantu, naphezu kwabantu, nangabantu: uNkulunkulu unathi, kithi, kithi, phezu kwethu. Ngicabanga ukuthi kuyinduduzo emangalisayo, anicabangi kanjalo na?

34 Futhi manje, ngibekezeleleni imizuzwana embalwa nje, ngenkathi ngisafunda umBhalo othile. Uma ningathanda ukuphendukela kuwo, ngingathanda ukuphenya kuMathewu isahluko se 14 futhi ngifunde i—ingxenye, cishe ivesi lama 22 kuze kube cishe elama 27. Futhi mhlawumbe kulokhu uNkulunkulu uzosivumela sidonse ingqikithi encane.

> *Wayesecindezela masinyane abafundi ukuba bangene emkhunjini, bamandulele ukuya ngapheseya, aze amukise izixuku.*
>
> *Esemukisile izixuku, wenyukela entabeni eyedwa ukuyokhuleka: sekuhlwile, wayeyedwa lapho.*
>
> *Kepha umkhumbi wawususukile usuphakathi kolwandle, ushukunyiswa ngamaza: ngokuba umoya wawuphambene nabo.*
>
> *Ngomlindo wesine wobusuku uJesu weza kubo, ehamba phezu kolwandle.*
>
> *Kepha abafundi sebembonile ehamba phezu kolwandle, bashaywa luvalo, bethi, Yisithunzi; bakhala ngokwesaba.*
>
> *Kodwa uJesu wakhuluma kubo masinyane, wathi, Yimani isibindi; yiMina; ningesabi.*

35 Ngithanda ukusebenzisa lokho okwendikimba: *YiMina, Ningesabi.*

36 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Sisakhothamise amakhanda ethu futhi ngethemba ukuthi izinhliziyo zethu zikhotheme, nazo, eBukhoneni baKhe, uma kukhona isicelo phakathi kwabantu sento *ethize* kuKristu, futhi uzofuna ngikukhumbule, ungavele uphakamise izandla zakho, futhi uNkulunkulu uzokwazi ukuthi yini engaphansi kwesandla sakho. Ngiyabonga.

37 Nkulunkulu onomusa, Owakhuphula iNkosi uJesu kwabafileyo, futhi uMgcinile phakathi kwethu manje kuleminyaka eyizinkulungwane ezimbili, futhi ngolunye usuku uyokwethula lowomzimba okhazimulayo oza emhlabeni ngokwesibili ukuzothatha iBandla laKhe, sijabula kakhulu ukuthi lokho kuphefumula okukhulu kwethemba kuphumule phakathi kwemiphefumulo yethu, kulobubusuku.

38 Siyajabula, Nkosi, ngoba asisodwa, kulobubusuku, kulenhlanganyelo yalenjabulo enkulu, kunezinkulungwane eziningi emhlabeni wonke ezihlanganyela lenhlanhla, njengoba sizisho ukuthi asisibo abalelizwe, kodwa siyizihambi

nabafokazi, sigogobele kuphela lapha. Asilikhathaleli izwe, inhloso yethu kuphela ngukwenza izwe libone Lowo Owabafela.

39 Futhi kubantwana abagulayo balomhlaba, banenhlanhla yokuza kuloMthombo omkhulu, futhi phakathi lapho bayazi ukuthi ukugula kwabo kukhokhelwe, uJesu waseNazaretha, "Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina."

40 Futhi siyabonga kakhulu ngalokhu, ukwazi ukuthi sinalendawo yokudayisela enhle, kulobubusuku, kokwethu sonke, ukususa konke ukukhathazeka kwethu, zonke izinkathazo zethu, ukugula kwethu, izifo, futhi ngisho khona kanye ukwesaba ukufa uqobo, nokufa kuyosibalekela lapho siMvuma, futhi siMkholwa.

41 Siyafundiswa, ngamaZwi aKhe uQobo, kuJohane oNgcwele 5:24, "Lowo ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akayikuya ekwaHlulweni; kodwa usevele wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Nkulunkulu, siKubonga kanjani ngalokho! Lokho ngamaZwi kaNkulunkulu waPhakade, futhi siLazisa *kakhulu* enhliziyweni yethu, sazi ukuthi kokubili amaZulu nomhlaba kuzodlula, kodwa leloZwi alisoze lehluleka. Kukho konke phakathi kwezinkathazo, izivivinyo, amabhomu e-athomu, phansi kwedlule emathunzini okufa, Liphila liqhubeke, ngoba LiyiZwi likaNkulunkulu.

42 Izandla besiphezulu kulobubusuku, Baba, sibone cishe amaphesenti ayikhulu phezu kwalesisakhiwo, ngisho ngaphakathi nangaphandle, kovulandi abasesitezi nakuyo yonke indawo, ukuthi kwakukhona izandla eziphakame, bayadinga, Baba, ngiyaKudinga, sonke siyaKudinga. Ungeze, Nkosi na? Uvakashele ngamunye wethu, kulobubusuku, usinike isifiso senhliziyo yethu. Sifisa ukuKubona, futhi siKuthande. Siyazi ukuthi Uthandeka kakhulu, ugcwele umusa nesihawu. Futhi yiba nomusa kithina abampofu, abantu abadingayo kulobubusuku, ngokuba siyaKuthanda, futhi sibiza iGama laKho phezu kwethu, singamaKristu. NgiyaKubonga, Baba.

43 Sizobheka Wena ngokuvakasha manje, ngiyazi ukuthi Unakho ekuculeni, nasemkhulekweni, kanjalonjalo, futhi ngiyakhuleka, Baba, Uzoqhubeka nathi ubusuku bonke.

44 Kusasa, yiba nowami oyigugu, uMfowethu Ned. Ngikhulekela ukuthi Uzomgcoba, Nkosi, nangenkonzo yakusasa ebusuku, nesezinkonzweni eziqhubekayo.

45 UNkulunkulu abusise owethu oyigugu kakhulu, uMfowethu Bigby lapha, lelibandla elithandekayo, nalezizimvu azelusile, Nkulunkulu, yiba nalendoda enkulu futhi uyihole futhi uyiqondise, Nkosi. Futhi sengathi ingondla amawundlu nezimvu zikaNkulunkulu. Siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

46 Manje, kufanele ukuthi kwakuyisikhathi sokushona kwelanga, kwakukade kuwusuku olwesabekayo, kwakukade kunengcindezi eningi. Futhi lezo izinsuku ezimbi, lapho ingcindezi iqhubeka. Futhi nomaphi lapho uJesu ayeya khona, kwakuhlala kuyisiminyaminya sezixuku. Futhi lolu kwakube usuku olungavamile. Futhi cishe ngesikhathi ilanga liqala ukushona, ngiyayibona nje leyomisipha emikhulu kakhulu kulowomhlane onezinyama walowomdobi, lapho yena, ephusha isikebhe sisuke ogwini.

47 Futhi wayeyindoda enamandla, wayewazi amachibi, wayedobe kuwo kusukela esengumfanyana. Uyise wayengumdobi ngaphambi kwakhe, lowo kwakuwumsebenzi wakhe, wayezazi izinhlobo zamanzi, ukuthi kudotshwa kanjani, nokuthi kuphi. Futhi lapho bephendula isikebhe esincane, noSimoni uyakhuphuka, mhlawumpe, phakathi nesikebhe, uhlala phansi eduze komfowabo, u-Andreya, futhi ucosha isigwedlo.

48 Manje, imikhumbi yangalezozinsuku yayingafani neyamanje, khona-ke yayihanjiswa ngamandla omuntu, ngezinye izikhathi yayinoseyili kuyo, ngenkathi umoya wawukahle, yayikwazi ukuhamba, lapho imimoya yayingavunguzi, babenga—babengagwedla.

49 Futhi indlela imikhumbi yokudoba eyayiyiyo [UMfowethu Branham ulungisa umphimbo wakhe—Umhl.] (Ngiyaxolisa.), mhlawumbe yayinamasethi ayisithupha noma ayisishiyagalombili okubamba izigwedlo. Futhi khona-ke, izigwedlo zazizinkulu kakhulu, zazithatha amadoda amabili, esisodwa ohlangothini olulodwa, esisodwa ngakolunye, ngoba lapho amagagasi nezinto, iziphepho olwandle namachibi, babedingeka badonse kanzima ukugcina isikebhe endleleni noma besiyoketuka, singene emagagasini nje ngqo.

50 Niyazi nina bantu, enihlala ngakulamachibi lapha, ukuthi ufanele ulimise kanjani ingemuva leiskebhe ukuze uketule amagagasi, ukuze ungeke, wehle wenyuka, ubuyosiphonsa phansi ngqo, kusigcwalise sigcwale amanzi, ufanele usiqondise sonke. Futhi kwathatha izingalo ezinamandla namadoda anesipiliyoni ukudonsa isikebhe. Iningi labo bonke ababehlala ngaseGalile babengabadobi, lelo kwakuyizwe elikhulu lokudoba, futhi babechitha isikhathi esiningi emachibini.

51 Futhi babenosuku olukhulu, izinto ezinkulu. Futhi, kusobala, lapho...Kukhona okuthize ngenhlanganyelo uma uhlangana nenceku kaKristu, ubaxhawule, futhi uma beke baba nokuxhumana noJesu, kukhona okuthile ngabo awusoze wabakhohlwa, kukhona okuthize o—okudonsayo, ukuthi wena—uyazonda ukubabona behamba.

52 Bengihlala ngimangala ukuthi amaKristu angaqophisana kanjani, noma *umehluko*, ngenxa yemehluko emincane nezinto,

lapho bazi ngempela ukuthi lowo ngumfowethu noma udade othanda iNkosi.

53 Sasivame ukucula iculo elincane etabernakele lethu, eminyakeni edlule, nabaningi . . . Ngicabanga ukuthi nisenakho namanje. Ngavele ngakhuphuka, ngashayela ngakhuphuka ngaphandle, ngezwa lokho kucula okumnandi. Futhi mina . . . Leloculo esasijwayele ukulicula, lingelakudala:

Libusisiwe igoda elibophayo
Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
Inhlanganyelo yemiqondo efanayo
Injengalokho Phezulu.

Nxa sehlukana ingxenye,
Kusinika ubuhlungu bangaphakathi;
Kodwa siyolokhu sixhumene enhliziyweni,
Futhi sethemba ukuphinde sibonane futhi.

54 Uma nje iBandla lingazizwa ngaleyondlela! Uma umKristu ngamunye engezwa izinsizi zomunye umfo, nemithwalo, kanjalonjalo, bekungeke yini kube yinto emangalisayo na? UJesu ufuna sibe ngaleyondlela, Wathi, umkhuleko waKhe wawungukuthi sibe *munye*. Ngikholwa ukuthi Ubengenakucela lutho kuNkulunkulu, ngaphandle uma uNkulunkulu EzoMnika khona, njengoba uMarta athi, "Ngisho nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika yona."

55 Ngiyayikholwa leyo . . . Ngikholwa ukuthi wonke amaKristu, ngisho namanje, azizwa ngaleyondlela omunye komunye. Kunjalo. Kusobala, siyayazi insimu enkulu yokuvuna, kwakukhona ukhula, nokhula olusakolo; nomfanekiso wenetha iphonswa phakathi, kwakukhona zonke izinhlobo ezahlukene, konke kufanele kuhlangane. Kodwa ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uyabazi abantwana baKhe abaligugu abahlakazeke lapho kulomhlaba omnyama.

56 Njengoba umkhumbi uphuma, labobantu abathandekayo bemi ogwini, bevayizelisa, "Hambani kahle. Nibuye futhi nizosibona futhi. Sijabule *kakhulu* ukuhlangana nani. Futhi manje siyazi ukuthi singababafo abayizakhamizi zoMbuso kaNkulunkulu omkhulu, singamalungu omndeni waKhe. Ngeke nibuye nizosibona futhi na?" njengoba umkhumbi uphumela olwandle.

57 Futhi niyazi, mhlawumbe babenza ukushaya okuthi akube kubili okukhulu, bese-ke besukuma futhi bavayizelise, bese bephinda beshaya isikebhe futhi, futhi umkhumbi omncane olwandle oluzothile uhamba njengoba labobadobi abakhulu bedonsa izigwedlo. Futhi, kumelwe ukuba kwakuwumbono obabazekayo ukubona umkhumbi omncane, lapho uya ngokuba mncane uba mncane, neqembu elisosebeni liya ngokufiphala futhi lifiphala, kwaze kwathi ekugcineni lashabalala lapho ilanga seliqala ukushona; ukudonsa isikebhe ngumsebenzi

onzima. Ngizocabanga nje, manje, ukuthi ngihlezi esihlalweni esingemuva, ngilandisa okuthize okwenzeka phandle lapho.

58 Futhi manje, ngiyababona njengoba bema ukuze baphumule nje kancane, bedonsela ngaphakathi izigwedlo zabo, futhi besula umjuluko ebusweni babo. Kufanele ukuthi kwakungukuthi, ngizothi uJohane omncane, emva kokuba behleli bebambe umoya imizuzwana embalwa, ngoba babesenebanga elide okwakusafanele balihambe, iningi lobusuku ukuba badonse. Futhi khona-ke, ebamba umoya wakhe, waqalaza, futhi wathi, "Bazalwane," futhi lomhlangano wobufakazi abazoba nawo manje, futhi wathi, "asibe nomhlangano wobufakazi sisalindile. Futhi Uzosifica emva kwesikhashana, futhi asibe nomhlangano wobufakazi."

59 Futhi ngi—ngingathanda ukwenza lokho kulobubusuku, ngenkathi sisakhuluma ngaYe. Impela, Uzosifica emva kwesikhashana, ngalapha ndawondawo, futhi asikhulume ngaYe nje isikhashana. Ake sizwe ubufakazi ababenabo.

60 Ngiyamuzwa uJohane ethi, "Ngingathanda ukufakaza kuqala," ngoba uJohane wayengumfo omncane. Wathi, "Niyazi, ngeke sisaba nokunqikaza nhlobo, ngeke nje kalula sikwenze, ngoba esikubone namuhla, siyazi ukuthi akunandaba ukuthi bangaki abaFarisi, noma bangaki ababhali abathi lokhu akulungile, siyazi ukuthi kulungile. Asilandeli umprofethi wamanga, silandela uKristu weNkosi."

61 Futhi wathi. . .Bengingahle ukuba ngisho into ethile efana nalena: "Eminyakeni edlule, ngisengumfanyana, ngakhuliswa ezansi eduze kwe—kweJeriko. Futhi ngiyazikhumbula izinsuku lapho ngangidlala khona lapho emmangweni entwasahlobo. Ngisambona lowo omuhle, omncane, umama wami ongumJuda. Ngenkathi uBabayi wayephumele emasimini ukuyosebenza, wayevamise ukungithunduzela ukuba ngilale ntambama, futhi wayehlala ngaphandle e—egosini, futhi angithunduzele ukuba ngilale, futhi angixoxele izindaba zeBhayibheli.

62 "Futhi wayekhomba ezansi ezibukweni, ngezansi nje kweJeriko, futhi athi, 'Johane, ungakhohlwa, khumbula, yilapho omkhulu, uJoshuwa onamandla awela khona ulwandle, noma, i. . .ngenyanga ka-Aphreli, noma—noma, iJordani. Futhi uJehova oMkhulu wahlehlisa amanzi, ngenkathi sisangena ezweni lesethembiso. Futhi ezansi ngqo ngakulowomgwaqo siya *lapho*, umprofethi omkhulu u-Eliya no-Elisha bahamba bebambene ngegalo, bawela iJordani.

63 "'Johane, ungakhohlwa ngenkathi uNkulunkulu evakashela abantu baKhe kulelohlane lapho, Wabagcina iminyaka engamashumi amane, futhi nsuku zonke kwenzeka isimangaliso. Johane, siyatshelwa manje ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule, kepha uJehova omkhulu wenza isinkwa futhi wasinisa emhlabeni ukondla cishe abantu bakithi abayizigidi

ezimbili nengxenye, iminyaka engamashumi amane babone leso simangaliso.'"

64 Futhi kungenzeka ukuthi uJohane washo into enjengale, njengoba simlalela: "Bazalwane, ngiMbhekile njengoba bengiMlandela, kodwa namhlanje ngibone okuthize. Ngangivame ukubuza uMama, 'Mama, kuphi...? Ingabe uNkulunkulu unaba—abantu abasebenza ebusuku phezulu lapho lokho, nohhavini abakhulu phezulu eZulwini abhaka sonke lesisinkwa, iziNgelosi, bese-ke sithululelwa emhlabathini enzela abantwana baKhe na?'

"'Ngani,' wathi, 'qhabo, Johane. Uyazi, uNkulunkulu wethu angasidala lesosinkwa.'

"Manje, bengihlala ngiyikholwa leyondaba, futhi namhlanje, ngenkathi ngiMbona ethatha lezozinkwa ezinhlanu futhi waphakela abayizinkulungwane ezinhlanu, lokho kukuxazululile."

65 Sengiyamuzwa ephenduka, futhi ethi, "Mathewu, ukubonile ukubuka ebusweni bakhe na? Ngani, ubebukeka sengathi ubengamangele nhlobo, lowomfanyana."

66 UMathewu wathi, "Ya, ngimbonile. Ngempela, ubebalekele isikole," (awu, sasikubiza ngokuthi "ukulova esikoleni ngaphandle kwemvume,") "wase ebaleka. Futhi ngimbuzile... ngi—ngiqalazile, angibonanga muntu lapho obenanoma yini okokudla, kodwa ubegodle ukudla kwakhe kwasemini. Futhi ngimcelile ukuthi angangipha yini, futhi uthe, 'Awu, ngikuphathele idina lami, kodwa uma kuzoya kuleyoNdoda engiyizwe ikhuluma, Ingaba nakho.'"

67 Bengingathanda nje ukuMzwa, beningeke na? ukubona nje ukuthi Wayehluke kanjani. Futhi niyaqaphela, inqobo nje uma isidlo sasemini sisesandleni somfana omncane, kwakuyizinkwa ezinhlanu nezinhlanzi ezimbili nje, kodwa lapho kufika esandleni sikaJesu, waphakela izinkulungwane ezinhlanu. Ngakho izinto ezincane esinazo, uma nje sizoMvumela abe nazo, ukukholwa okuncane esinakho, uma nje sizoMvumela abe nakho, kuzokwenza izinto ezinkulu.

68 UJohane wayejabule *kakhulu*, wathi, "Wayebukeka njengoJehova, lapho Emi lapho ethatha lawomabhisikidi futhi ewahlephula. Futhi ngigibele ngemva kwedwala, bengifuna ukubona ukuthi kuvelaphi. Futhi Waphakamisa ibhisikidi esandleni saKhe." Futhi, ngithi "ibhisikidi" ngoba thina bantu baseningizimu siyazi ukuthi *ibhisikidi* liyini, niyazi. "Futhi ngakho Wathatha lelibhisikidi futhi walihlephula, futhi Yena, ngiyibukile leyondawo ehleshuliwe, futhi Walinikezela, futhi ngenkathi Eqala emuva, ngaphambi kokuba ngiqaphele, ibhisikidi bese livele landile futhi."

69 Wathi, "Kulezozandla, kufanele ukuthi wayegcotshwe ngalezozandla ezifanayo ezenza lesosinkwa phezulu lapho

emaZulwini futhi wazithumela phansi. Futhi ngi, ngithi, nginikeza ubufakazi bami kini bazalwane, ngaphandle kulelichibi, kulobubusuku, kuyinto exazululiwe kimi. Lowo ungaphezu komuntu, Lowo nguYe, abasitshela ngaYe—ngaYe abaprofethi."

70 Futhi khona-ke sengiyambona uSimoni, njengenjwayelo, niyazi, ufuna ukufaka ubufakazi bakhe futhi. Futhi angimsoli, lapho unokuthile ongafakaza ngakho, ufanele nje uyeke ingcindezi, yilokho kuphela. Ngakho uSimoni kufanele ukuthi wathi, "Manje, bazalwane, sekuyisikhathi sami." Futhi wathi, "U-Andreya, umfowethu, ohlezi lapha ngakwesobunxele sami, ngenkathi ehla ukuyozwa uJohane eshumayela... O, niyazi, bakwethu, sizwile zonke izinhlobo zezinto, futhi angizange ngikunake kakhulu. Kodwa ngobunye ubusuku a—akezanga ekhaya, futhi ngazibuza ukuthi wayehleli kuphi. Futhi ngakusasa ekuseni, nangu engena, neso eligqolozele, futhi ethi kimi, 'Woza, ubone ukuthi Ubani esimtholile, uMesiya.'"

71 Wahlala naYe isikhathi eside ngokwanele ukuba aneliseke. Yilapho abaningi bethu sehluleka khona, asihlali isikhathi eside ngokwanele ukuze seneliseke, asishisekele ngokwanele. Shisekela, lokhu kuphakathi kokuPhila nokufa kithi, phakathi kokuphila kahle noma ukugula. Futhi sifanele sihlale futhi sibone size seneliseke, futhi khona-ke akukho lutho oluzosivimba-ke, uma usunelisekile. Ukukholwa kufanele kube nento ethile okumele kusebenze ngayo, okuvela kuyo.

72 Futhi manje, "Lapho efika wangitshela...Futhi ngiyalukhumbula usuku engahlangana naYe ngalo, futhi ngathi, 'Awu, ngizohamba nawe emhlanganweni. Uzobe esezansi laphaya ogwini namhlanje ekuseni, washo.'

73 "Futhi ngabona inqwaba yabadobi abampofu, abesifazane bephendulela obhavu babo bokuwasha babheka phansi, futhi behlela lapho ukuyo—ukuyoMlalela. Futhi loMfo wayeheha isixuku impela sabantu, futhi nga—ngacabanga ukuthi ngizokwehla. Futhi ngi—ngizitholele u—uphisi wokhuni olulahlelwe phandle amanzi, futhi ngacabanga ukuthi ngizovele ngihlale phansi, ngilalele, ngibuyele emuva.

74 "Futhi ngaso sonke isikhathi, ngenkathi Ekhuluma, kwakubukeka sengathi Wayengibuka ngqo. Futhi ngangilokhu ngiba nentshisekelo eyengeziwe ngaso sonke isikhathi, ngangilokhu ngisondela ngalapho Ayekhona. Futhi ngathi, 'Awu, Ukhuluma ngokomBhalo, Ubonakala ekwazi Akhuluma ngakho.'

"Khona-ke khona manjalo, Wangibuka ngqo ebusweni, futhi Wathi, 'Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona.'"

75 Wathi, "Khona-ke ngeneliseka," wathi, "ngoba, u-Andreya, lapha uzongifakazela, ubaba wami omdala, umFarisi wangempela, futhi wayeyindoda eqinile yenkolo...Futhi

ngenkathi sidoba olwandle lapha, futhi sisenaso isikebhe sakhe, futhi wayesegugile, futhi ngibone izinwele zakhe ezimpunga, nobuso bakhe bushwabana, ngangazi ukuthi ubabayi wayezosishiya maduze impela nje.

76 “Ngakho ngelinye ilanga, wahlala phansi emva kokuba sasibambe isixuku esikhulu sezinhlanzi, futhi sasingakhokha izikweletu zethu ngaleyonkathi. Futhi ngalokhokusa, sasikhuleke kanjani, futhi sacela uNkulunkulu ukuba asisize, ngoba sasizidinga lezozinhlanzi kabi *kakhulu*! Futhi sathola izinhlanzi, futhi uBabayi uyangena futhi uhlala phansi, wathi, ‘Woza lapha, Simoni, ndodana yami.’

77 “Wangigaxa ngezingalo, wathi, ‘Simoni, sengiyaguga, futhi ngicabange zonke izinsuku zami ukuthi ngizophila ukuze ngibone uMesiya, kodwa sengiyaguga, futhi mhlawumpe angeke ngikwazi ukuMbona. Kodwa Angahle afike ngesikhathi sakho, Simoni.

78 “‘Futhi ngiyazi ukuthi ngaphambi kokufika kwaKhe kuyakubakhona zonke izinhlobo zezinto ezenzekayo, kuyoba nabaprofethi bamanga, kuyoba khona yonke into eyenzekayo, zonke izinhlobo *zezimfundiso ezigqamile*, ngoba kuzoba nguSathane ezama ukuchitha, futhi mhlawumpe ekhohlisa u-Israyeli.

79 “‘Kodwa, Ndodana, yinye kuphela indlela esingaqiniseka ngayo, futhi leyo ngukuthi: hlala neZwi likaNkulunkulu, yileyondlela kuphela yokuqiniseka.’” Lokho kungaba ubufakazi obuhle noma kuphi, kunjalo, “Hlala neZwi.”

80 “Khona-ke wathi—wathi, ‘Ndodana, ngale eMbhalweni ogoqwayo, kuDuteronomi, uMose, lowo osinika umthetho, wathi, “Kuyofika uMesiya, Oyedwa ezinsukwini zokugcina, noma, uNkulunkulu uyakuvusa phakathi kwenu,”’” ukwenza umBhalo uqonde, “‘“wabazalwane bethu, futhi Uyoba ngumProfethi. INkosi, uNkulunkulu wenu, iyakuvusa umProfethi.” Manje, niyazi, siyalwa nguNkulunkulu ukuba silalele abaprofethi, ngoba iZwi likaNkulunkulu lifika kubaprofethi, yibo abaneZwi nokuhunyushwa kweZwi.

81 “‘Ngakho-ke, manje iNkosi yethu isitshele uma kwakukhona phakathi kwethu owayengowomoya, noma umprofethi, futhi uma eprofetha, futhi lokho akushilo kungenzekangai, khona-ke ningamlaleli, kepha uma kwenzeka, khona-ke lalelani. Manje, futhi uMesiya uzoba umprofethi.’

82 “Futhi, njengoba nazi bazalwane, ukuthi ubabayi wami sewahamba kudala, kodwa ngenkathi Ebuka phandle lapho, futhi wangitshela ukuthi ngangingubani, futhi akusikho lokho kuphela kodwa Wayemazi lowobabayi wami omdala omesabayo uNkulunkulu, ngazi ukuthi kwakunguYe lowo.” Obuhle kakhulu, obumangazayo, ubufakazi.

83 Futhi ngaphambi kokuba uSimoni aqedele ubufakazi bakhe, uFiliphu wayesebeke izandla zakhe ehlombe lakhe, ezama ukummisa kancane. Uyazi ukuthi wonke umuntu uvele azame ukungena, futhi afike ngaphambidlana kunomunye, niyazi. Usuvele ugcwele *kakhulu* ngakho, ufuna ukusho okuthile. Ya. Lapho uzwa omunye umuntu ekhuluma, ufuna nje ukufaka okuthize lapho, leyo yimvelo nje phakathi kwethu. Futhi ngakho, uyazi, uFiliphu, sekufika isikhathi sakhe sokufakaza, futhi wathi, "O, ngikukhumbula kanjani lokho! Ngangimi lapho, futhi niyazi, kwangixhuxhumisa kakhulu, kwaze... Nathanayeli, awunankinga uma ngikuxoxa na?"

"Qhabo, lokho kulungile."

84 "Niyazi, ngangazi ukuthi uNathanayeli wayengelangempela, ikholwa lomthetho. Wayegcina yonke imithetho, futhi wayeyindoda elungile, wayesebenze isikhathi sakhe njengelungu, futhi wayenze zonke izinto ezihlukahlukene, futhi wayeyindoda elungile. Wayetadishe imiBhalo imini nobusuku, ngiyazi ukuthi wayefundiswe kahle, futhi wayengumngane wami olungile. Ngakho ngazungeza igquma ngamandla ami ukuba ngithole uNathanayeli. Awu, niyazi, bazalwane, kungithatha cishe usuku ukusuka lapho Ayeshumayela khona lapho, ukuzungeza igquma. Futhi ngi—futhi ngathola...Kuqala ngangqongqoza emnyango, noMfowethu Nathaniyeli, inkosikazi iza emnyango futhi yathi, 'Uvele waphumela esixhobeni sakhe sehlathi.' Futhi ngaphumela lapho, futhi ngezwa othile ekhuleka.

85 "Futhi—futhi uNathanayeli wayeguqe ngamadolo ekhuleka ukuba uNkulunkulu athumele uMkhululi, njengoba Athuma uMose. Futhi lapho eseqedile, ngangazi ukuthi wayekulolohlobo lwesimo, eMfuna, ngakho ngathi, 'Woza, ubone ukuthi uBani esimtholile. Thina...Imikhuleko yethu iphenduliwe. INto obuyifuna isivele ilapha. Yebo, Mnumzane. SiKutholile, Kuyakhazimula! Ufanele uze, futhi ubone.'

"Futhi uNathanayeli wathi, 'Yini leyo oyishoyo na?'"

Futhi wathi, "'SiMfumene, Lowo uMose nomthetho abathi uyeza, uJesu waseNazaretha, iNdodana kaJosefa.'

86 "Futhi manje, uNathanayeli, niyazi, wayengowokuqina, womthetho, wathi, 'Manje, umzuzu nje, Filiphu, ngiyazi ukuthi u—ungumfundi weBhayibheli, kufanele ukuthi uhambe ekupheleni okujulile ndawondawo. Ingaba khona yini into enhle engaphuma eNazaretha na?'

87 "Niyazi, angizange ngiwachithe amazwi ami, ngoba asikho isidingo sokuqophisana nanoma ubani, ngakho ngamtshela nje, 'Woza, ubone.' Futhi endleleni sizungeza, wathi, 'Kungani uneliseke kangaka na?'

88 "Futhi nga—futhi ngathi kuNathanayeli, lapho ngimgaxa ngengalo, 'Manje, Mfowethu Nathanayeli, uyazi ukuthi

kukangaki sihlezi esikebheni, futhi siye, sixoxe ngemiBhalo egoqwayo imini nobusuku, ukuthi sasizigcina kanjani kwaze kwabaleyithi, futhi siyitadishile imiBhalo,'" o, lokho kuyamangalisa, "'ukuthi siyitadishe kanjani imiBhalo ndawonye, futhi—futhi nakhu okwangenelisa: Uyakwazi lokho . . .?' Petru, uzongixolela uma ngikusho na?"

"Impela, qhubeka."

"'Niyamazi lowomdobi ongafundile owayehlale esenkingeni, futhi wathenga izinhlanzi ezansi lapho?'

"'O, yebo. Indodana kaJona, uSimoni na?'

89 "'Yebo, nguye. Futhi uyazi, wathenga izinhlanzi kuye ngelinye ilanga futhi wawufuna irisidi, futhi akakwazanga ngisho nokusayina igama lakhe kuyo, wayengazi kangako.'

"'Yebo, ngiyamkhumbula. Ya, unomfowethu abambiza ngo, "Andreya."'

90 "'Yebo, nguye. A-hha. Yebo. Awu, u-Andreya wakholwa ukuthi loMprofethi unguMesiya, futhi uyafika, wathola uPetru, noma, uSimoni, futhi wamyisa ngakuJesu, futhi lapho uJesu embuka ebusweni, Wathi, "Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona." Engazi lutho ngaye.'

91 "'Manje, Nathanayeli, ake ngikukhumbuze lokhu: Awuzange yini umthetho uthi, 'Uma umprofethi eprofetha . . .'? Futhi iminyaka engamakhulu amane selokhu saba nomprofethi, futhi nakhu Kuphambi kwethu impela. Niyazi, ngani, bekungeke kungimangaze, Filiphu, ukuthi uma Engakutshelanga ukuthi ubungubani, noma, Nathanayeli, ngenkathi ufika lapho.'

92 "'Awu, ngeke ngigxeke,' kwasho uNathanayeli. 'Ngizovele ngikhuphuke, futhi ngizilalelele ngesingami futhi ngizenzele ezami iziphetho. Futhi uma EngokomBhalo, ngiyazi ukuthi iBhayibheli lithini ngayo, futhi uma kuzwakala kungokomBhalo, ngani, ngizofanele ngikubone kwenziwa kuqala, mina, uma ngingakubona kwenziwa, khona-ke ngizokukholwa.'

93 Kulungile. Lokho kuhle impela. Niyazi, bonke abahlali eMissouri. Nisizwile isisho sakudala, "Ngivela eMissouri, ngikhombise."

94 Ngakho, wathi, "Wafika, futhi ngalolosuku, lapho sifika lapho, kwakukhona umugqa womkhuleko, futhi kwakukhona abantu ababemi emgqeni womkhuleko, futhi uJesu wayekhulekela a—abagulayo. Futhi ngenkathi ngenyuka noNathanayeli, saqaphela isigejane sorabi simi phandle lapho, nabakhulu, abefundisi abadumile.

95 "Futhi ngenkathi sidlula, sayizwa ingxoxo yabo, omunye wabo wathi, 'Awu, uyazi sizodingeka siphendule ebandleni lethu. Futhi uma bonke bekulandela *lokho*, sizokwenzenjani na? Awu, siyabona ukuthi wenzeni esikhashaneni esedlule. Wazazi

kanjani lezozinto na? Ngakho sizofanele sibambe umkhandlu manje, futhi sithole ukuthi sizophendulani ebandleni lethu ngeSonto elizayo, lapho bebuza ngalokhu. Futhi, niyazi, angeke sikholelwe kuye.'

96 "Ngakho bathi, 'Sizosho nje ukuthi unguBelzebule, inkosana yodeveli, ungumbhuli, leyo yindlela engcono kunazo zonke esingakwenza ngayo.'" Niyabo, esikhundleni sokuhlala phansi, futhi babuke emiBhalweni, bavele badwebe umbono ongowabo uqobo, abakucabangayo.

97 "Besenza lokho uJesu waphenduka futhi wayibona imicabango yabo, futhi Wathi. . ." Niyakhumbula na? IBhayibheli lathi abazange bakukhulume ngokuzwakalayo, bakucabanga enhliziyweni yabo, futhi uJesu wakubamba. Kunjalo. "Futhi lapho Ebatshele ukuthi Uyobathethelela ngakho, kodwa kwakuyofika olunye usuku, ngesinye isikhathi, ukuthi lapho uMoya oNgcwele uyofika. . .

98 "Manje, asikakuqondi lokho, bazalwane kulomkhumbi, kulobubusuku, niyazi, kuthiwani ngalowoMoya oNgcwele Akhuluma ngawo ufika. Kodwa Wathi ngenkathi Ufika futhi ubuyokwenza into efanayo, ukuthi ukukhuluma izwi elimelene naWo, alisoze lathethelelwa. Khona-ke, bazalwane, kufanele kube khona okuthize ngaphambi ukuthi Ulungiselela ukukwenza ukwenza lokho kuqine kakhulu, kufanele kube yinto enkulu kakhulu.

99 "Manje, futhi ngenkathi uMfowethu Nathanayeli esami lapho, uJesu waphenduka futhi wambuka wayesethi, 'Bheka umIsrayeli okungekho nkohliso kuye!' Futhi uyakhumbula, Nathanayeli na? Kuvele kukususe ezinyaweni zakho.

100 "Futhi waphenduka, futhi wabuka emaceleni, futhi nakho kumi umbhishobhi wakho, noma, urabi wakho, emi laphaya kulowomkhandlu, futhi wabheka phansi futhi wakubona, 'Ahe!' walungisa umphimbo wakhe, ngoba udlale indima enkulu ebandleni.

101 "Kodwa khona-ke, kwakungukukhetha phakathi kwalokho urabi ayekushilo, noma lokho uNkulunkulu ayekushilo, ngakho waphenduka futhi wethula uJesu njengokuthi, 'Rabi, Mfundisi, Ungaze kanjani na? Angikaze ngiKubone futhi Awukaze ungibone. Ngakho Ubungazi kanjani ukuthi nganginge—ngelokuqina, ikholwa langomthetho?'

"Futhi uyakhumbula, Nathanayeli, ukuthi Wathini na?"

UNathanayeli wathi, "Ngingakusho na?"

"Ya."

102 "Wathi, 'Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, lapho wawungaphansi kwesihlahla Ngakubona.'" UNathanayeli wathi, "Angifuni ukumisa ubufakazi bakho, kodwa lokho kungixazulele khona. Ake ngitshele abazalwane engakusho,

Angikhathali noma ngabe i, bonke osaziwayo babemi bezungezile, ngagijima ngakhuphukela kuYe ngqo futhi ngathi, 'Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli.'" Ngoba kwakungokomBhalo, wayekwazi. "Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli."

103 Omdala ompofu, u-Andreya onesineke, wayelinde isikhathi eside kakhulu ukuze athole ubufakazi bakhe. Futhi, kodwa uNathanayeli . . . Futhi khona-ke wonke umuntu wayazi ukuthi inyanga yayikhuphuka. Futhi ngakho, umhlangano wobufakazi, niyazi, lapho umhlangano omuhle wobufakazi uqala, ngani, bona—bona nje, awazi nje ukuthi isikhathi siphela nini, ulokhu uhamba uqhubeka. Ngakho, o, babethatheke kakhulu, ngamunye elalela ubufakazi bomunye.

104 Futhi khona-ke u-Andreya wathi, "Bazalwane, ake sicabangeni sonke lokhu, ngokuba sikhuluma ngenkonzo yaKhe, uma kuhambisana neZwi likaNkulunkulu noma qha, sonke siyakwazi lokho. Ake ngininakise: Niyakhumbula ngalolosuku Wathi, 'Ngizoniyisa eJeriko nonke'? Sonke siyakwazi lokho." Futhi u-Andreya kumelwe ukuba wasukuma, wayendezelisa isikebhe kancanyana mhlawumbe, sasithule umzuzu.

105 Futhi wathi, "Nonke niyakhumbula ngenkathi sehla, sasiya eJeriko, futhi ngakusasa ekuseni, kwakuxakile, ngemva kokuba sivuke futhi sagqoka izingubo zethu futhi, futhi Wathi, 'Ngiswelekile, ukudlula eSamariya.' Sacabanga ukuthi lokho kwakuyisimanga, Wayezokwenyuka kanjani azungeze iSamariya, esikhundleni sokuya ngqo eJeriko.

106 "Futhi sahamba, futhi niyakhumbula, sahamba singenakho ukudla kwasekuseni, futhi salamba. Futhi cishe ngeleshumi nanye nqo emini, sifika kulomuzi othiwa iSikhari, futhi sa—sahlala phansi lapho ngasemthonjeni, futhi Wasithuma sonke, futhi sehlela emzini. Khumbulani, isikhathi esinje, lapho bethi, 'Ingabe ungomunye walabo abangcwele begingqika- . . . , noma, ungomunye wabo na?'" Ngakho, ngiyaxolisa, bengingafanele ngikusho lokho, mhlawumbe. Niyabo? Kodwa, "'Ingabe u—ungomunye wabo naleloqembu laseGalile phandle lapho na? Ungomunye wabo na?' Futhi ngakho, babengeke basinike lutho ukuba sidle. O, he, Kwakukubi. Futhi sathi nyelele ngemuva saphuma.

107 "Futhi saqaphela into exakile, kwakukhona osemusha, owesifazane omuhle ekhuphuka eza ngasemthonjeni, nembiza yamanzi akhe ibekwe ehlombe lakhe, ekhanda lakhe. Futhi lapho ekhuphuka, sambona ebeka imbiza phansi, futhi wafaka amawuku kuyo, elungiselela ukwehlisa isigwedlo, futhi saqaphela ukuthi iNkosi yethu yayihlezi ikhanda laYo likhotheme. Saqaphela amehlo aYo ngenkathi ephakama, futhi saqaphela ukuthi wayephawulwe njengesifebe, onegama elibi. Wayengeke aphume empompini ngalesosikhathi sosuku,

izintombi ziphuma ekuseni, ngakho-ke, sasazi ukuthi wayengowesifazane onegama elibi.

108 "Futhi sacabanga nje, niyazi, ngamunye wethu wathi, 'Ake siMbone emxosha kulowo mthombo.' Niyakhumbula ukuthi sasingokwenyama kanjani, bazalwane na? SiyaMbona nje emxosha nje kulowomthombo. Ngakho sacasha emahlathini. Nonke niyakukhumbula na?"

"Ya. Amen. Siyakukhumbula. E-hhe."

109 "Futhi besizobuka iNkosi yethu ixosha lona wesifazane onegama elibi eBukhoneni baYo. Ngakho waqala ukwehlisa i—iketela lamanzi, phansi ukukha amanzi, futhi iNkosi yethu yathi kuye, 'Sifazane, Ngiphuzise.' He! Niyakhumbula ukuthi sabukana kanjani na? Lokho kungaba ngokuxakile, ukuthi kanjani owesifazane walolohlobo wayengacelwa kanjani ukuba ayenzele umusa iNkosi."

110 Kodwa niyazi, uNkulunkulu usebenza nge—ngezindlela ezingaqondakali, Uthanda omubi ukwedlula thina sonke. Ukuba Akazange, bengi—ngingeke ngibe lapha kulobubusuku. Futhi ngineqiniso ukuthi sonke sizizwa ngaleyondlela. Yebo.

111 "Futhi lapho . . . Wamangala, waqalaza, wathi, 'Mnumzane, UngumJuda, futhi mina ngingowesifazane waseSamariya, futhi asinabudlelwane omunye nomunye. Kungani Ungiwotawota, ungibuze umbuzo onjalo na?'

112 "Futhi Wathi, 'Sifazane, ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye, ubuyocela kiMi amanzi.' Futhi samangala, 'Wayezama Ukwenzani na?' futhi 'Kungani Wayezama ukusebenzisa owesifazane onjena ukuba enze okuthile ngakho?' Wathi, 'Ukube bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye, ubuyocela kiMi amanzi, beNgizokunika amanzi obungeke udingeke ukuthi uze lapha uzokukha.'" O, he! Ngifisa . . . Anijabuli yini ukuthi ninaleso simemo esifanayo na?

"Futhi sonke samangala, njengoba sasimile sicashe ezihlahleni . . . Mathewu, uyakhumbula na? Wakubhala phansi lokho."

"O, yebo, ngikutholile, ungakhathazeki." Ngiyakufunda kulobubusuku, niyabo.

Ngakho wathi, "Wa—wakubhala phansi lokho na?"

"Yebo."

"Futhi sasicashile sonke emuva lapho ezihlahleni."

"E-hhe."

113 "Futhi i . . . bangena engxoxweni, futhi, mayelana nokuthi abantu bafanele bakhonze kuphi." Futhi niyazi, basekuleyongxoxo, omunye wathi, "Ufanele ukhonze ebandleni leMethodisti."

Omunye wathi, "Ibandla leBaptisti."

Omunye wathi, "Ibandla eliKatolika."

Futhi omunye wathi, "Ibandla lePentecostal."

114 "Kodwa niyazi ukuthi Wathini na? 'Abakhonzi beqiniso baMkhonza ngomoya nangeqiniso, futhi uBaba ufuna abanjalo.' Futhi samangala-ke, ukuthi Wayezama ukwenzani, kodwa manje siyaqonda, Wayezama ukuxhumana nomoya wakhe. Sabona-ke ukuthi kungani Wayenesidingo sokukhuphuka . . .

115 "Niyazi, ngesinye isikhathi Wasitshela, ngenkathi Evusa uLazaru phezulu lapho, Wathi uBaba wayeMthumile. Futhi niyakhumbula Watshela leyondoda e—e . . . ngalolosuku, lapho Yena . . . bonke babezama ukuthinta izingubo zaKhe, futhi Wahamba wadabula kulesosixuku esikhulu lapho e—echibini laseBethesda, futhi Waphenduka futhi wabatshela, 'Ngiqinisile, ngiqinisile Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza'? Ngakho siyaqonda manje, kodwa-ke . . .

116 "Futhi khona-ke sakuqaphela lokho, ukuthi owesifazane wayethola . . . ukuhlala, o, emthonjeni, ephethe imbiza esandleni sakhe nokho, ukuba akhe amanzi ngayo, futhi Wathi kuye, 'Sifazane, hamba ulande indoda yakho futhi uze lapha.' Futhi uyazi ukuthi wathini ngalesosikhathi, Bartolomewu? 'Wayazi kanjani ukuthi wayenendoda na?'

117 "Futhi owesifazane wamangala, nezinwele zakhe—zakhe ezinhle zawela ebusweni bakhe, nawakhe amakhulu, amehlo akhanyayo akhanya, futhi wathi, 'Mnumzane, anginandoda.' Futhi sonke sacabanga, 'O, he! Kukhona okungalungile manje.'

118 "Futhi ngokumangala kwethu, Wathi, 'Ukhulume iqiniso.' Khona-ke samangala, sasingenjalo yini, bazalwane na? Sasingazi. Wathi, 'Ngoba ubunayisihlanu, futhi nale ohlala nayo manje akuyona indoda yakho.'

119 "Manje, samangala ukuthi hlobo luni lokuphendula olwaluvela kulokhu. Futhi wambuka ngqo ebusweni baKhe wathi, 'Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi.'" [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

120 Futhi cishe ngalesosikhathi uNathanayeli wathi, "Yebo, ngacabanga ukuthi kwakwehluke kangakanani kunorabi wethu, wabonakala azi kakhulu ngoNkulunkulu kunorabi wayazi, ngoba wathi Wayengudeveli. Kubonakala sengathi owesifazane, sasazi khona-ke, wayekade efunda imiBhalo, sazibuza ukuthi wayezothini okulandelayo."

121 "Wathi, 'Mnumzane, ngiyabona ukuthi Wena ungumProfethi.' Futhi sabukana, 'Owesifazane walolohlobo lobukhulu bengqondo? Ngokuqinisekile ubetadisha imiBhalo egoqwayo, futhi nokho, akayena umJuda.' Bhekani ukuthi uthini manje: 'Siyazi ukuthi uMesiya, ubizwa ngokuthi uKristu, Uyeza, futhi Uzoba ngumprofethi, ngoba uMose washo njalo,

uma Efika, Uzositshela lezizinto. Kodwa Ungubani Wena na? Ufanele ukuba ngumprofethi.'

"UJesu wathi, 'Nginguye Okhuluma nawe.'

122 "Futhi niyakhumbula na? Phezu kwalokho wawisa leyombiza, futhi waphuma waya emzini ngamandla akhe onke, ememeza kakhulu, 'Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Manje, nina bantu enikholwayo, ukufunda imiBhalo, ayisho yini imiBhalo ukuthi leso yisibonakaliso sikaMesiya na?'"

123 Manje ake ngimise ubufakazi, ngehlele lapha umzuzu nje, lapha ku—kuColumbia. Niqaphelile na? Akazange akwenze lokho phambi kwanoma yibaphi abeZizwe, amaJuda nje namaSamariya. Kunjalo. Futhi zintathu kuphela izinhlanga zabantu emhlabeni, uma ukholwa iBhayibheli lakho, lowo nguHamu, uShemu, kanye nabantu bakaJafete, yilapho sonke esadabuka khona; umJuda, umSamariya, noweZizwe.

124 Futhi amaJuda ayebheke uMesiya, Wabakhombisa ukuthi uMesiya wayeyini, uNathanayeli, uPetru, kanye nabo, bafakaza ukuthi WayeyilowoMprofethi uMose akhuluma ngaye. Futhi a—amaSamariya ayebheke uMesiya, futhi Wabakhombisa khona lapho ukuthi WayeNgubani. Kodwa abeZizwe, thina, sasikhonza izithixo ngaleyonkathi, sasingafuni Mesiya.

125 Ngingathanda ukubuza lo—ukubuza lombuzo kulobubusuku, ngenkathi sisa. . . khona-ke sizo—sizovula isikrini sethu futhi, kodwa siselapha: AbeZizwe, manje, lokho kwakungukuphela kumaJuda, futhi manje unyaka wabeZizwe uyaphela. Futhi uma sibheke uMesiya ozayo, futhi sikholwa ukuthi esimweni sikaMoya oNgcwele, Ulapha, neBhayibheli lathi Unguye izolo, namuhla, naphakade, kumaHeberu 13:8, futhi uma lokho kwakuwuphawu lwenkomba ngalezozinsuku, nalowoMesiya wathi kuJohane oNgcwele 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza," futhi Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu. . . " Nikuqaphelile na?

126 Ungakukhiphi lokho okuthathu engqondweni yakho, njengokulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele; uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, zonke lezozinombolo zokuphelela; ukuFika kokuqala ukuzohlenga uMlobokazi waKhe, ukuFika kwesibili ukuzohlwitha uMlobokazi waKhe, okwesithathu, efika noMlobokazi waKhe, niyabo, konke—konke okuthathu, kulolonke iBhayibheli.

127 Manje, kubhekisiseni, kunezigaba ezintathu zabantu, okungukuthi, abakholwayo, abazenzisi, nabangakholwayo. Futhi ekugcineni, lapho. . . Kunamabandla amathathu lababantu abathathu abangawawo: U-Abrahama wayemele iBandla elikhethiweyo, uLoti wayemele ibandla eliyilo ngegama ezweni, kodwa khona-ke abaseSodoma babemele izwe.

128 Futhi okuza ku-Abrahama kwakuyiziNgelosi ezintathu. Ezimbili zazo zehla, futhi zashumayela iVangeli futhi zazama ukubizela ngaphandle uLoti nabantu bakhe, zizama ukuthola ngisho abantu abayishumi ababelungile. Kodwa eYodwa yasala, futhi Leyo eyasala futhi yakhuluma no-Abrahama, neBandla elikhethiweyo. . . Ngikholwa ukuthi iBandla likhethiwe, kungokwazi ngaphambili kukaNkulunkulu, kumiselwe ngaphambili ukuba, ngoba Umisela ngaphambili ngokwazi ngaphambili, niyabo. LeloBandla lizoba lapho, manje, noma ngabe ngikhona noma angikho, angazi, ngifanele ngisebenze insindiso yami. Kodwa—kodwa ngiyazi iBandla lizoba lapho, kunjalo, ngithemba nje ukuthi ngiyingxenye yaLo. Futhi ngiyakholwa, inqobo nje uma ngiyingxenye yaKho, ngizoba lapho naLo. Yilapho ithemba lami lilele khona, khona lapho.

129 Futhi manje, lapho, uLoti wayeshumayele iVangeli kuye, nelakhe. . . izono zomuzi zawuzwisa ubuhlungu umphefumulo wakhe olungileyo imihla ngemihla. Futhi ngenkathi ebona laba oBilly Graham besimanje, kanjalonjalo, eza, kwakukhona okuthize okwamshayayo, wayazi ukuthi lokho kwakungaphezudlwana kwendoda ejwayelekile. Abazange benze izimangaliso eziningi, bavele bashaya abantu ngobumpumputhe ngobunye ubusuku, futhi—futhi ukushumayela iVangeli kushaya ongakholwa ngobumpumputhe, kunjalo.

130 Kodwa leNgelosi eyahlala neBandla elikhethiwe, u-Abrahama neqembu lakhe, ihlezi nomhlane waYo ufulathele ithende. NoSara, wayehlukile kancane kwabanye odadewethu besimanje namhlanje. Niyazi, akukwenzi uzizwe uthi ukuba kabi lapho, uyazi, amadoda aqala ukukhuluma, nabesifazane bayaphuma futhi bazingqubuze phakathi ngqo, futhi, o, uhlobo lokudelela na? Bona . . .

131 Niyazi, ngenkathi uNkulunkulu enza owesifazane, Wamnika umoya wobufazane ukuba ube ngozothile futhi ubemtoti, njengoba odadewethu abangamaKristu bangempela benjalo. Kodwa laba besifazane abagqoke ama-ovaloli, usikilidi emlonyeni wabo, futhi bavele bagqishazele baphume ngqo futhi baqalekise, futhi bacule, *Nkulunkulu Busisa IMelika*, niyabo. Futhi lokho—lokho, akubonakali nje. . . kubonakala kungubuhlaza. Akwenzeki nje. . . Kukhona okungalungile, niyabo. Kunjalo, niyabo. Futhi, kodwa uSara omncane wayemncane, udadewethu wePentecostal owasala futhi enakekela umsebenzi wakhe, wayesemuva phakathi lapho epheka idina, niyabo.

132 Futhi ngakho, iNgelosi ihlezi lapho yayibuka u-Abrahama. Manje, khumbulani igama lakhe kwakungu-Abrama usuku nje ngaphambi kwalokho, ngaphambi nje kwakho, noSara wayengesuye u *Sara*: uSarayi, S-a-r-a-y-i, futhi kwashintshela ku S-a-r-a, no-A-b-e-r-h-a-m; *Abrahama*, "ubaba wezizwe,"

no*Sara*, "inkosazana." Ngakho lena kwakuyiNdoda engaziwa, Yayinothuli ezingutsheni zaYo, Yayigqoke nje njengomuntu ojwayelekile, futhi Yama lapho, futhi Yathi, "Abrahama . . . "

133 Manje, Yanyuka nje futhi yahlala phansi, u-Abrahama waphuma futhi waYimemela ngaphakathi, Yona, indoda ejwayelekile nje, yaqala ukudlula, wathi, "Ngena, uhlale phansi, ngizokha amanzi amancane, futhi ngigeze izinyawo zaKho. Futhi—futhi ngizoKunika ucezu lwesinkwa, bese-ke Uhamba ngendlela yaKho." U-Abrahama, ngiyakholwa, wathi ukucabanga ukuthi kwakukhona into ethize exakile lapho. Niyabo? O, kukhona nje okuthize ngakho, ungakuzwa nje, lapho Efika. Ungasho nje lapho ukhuluma naYe. Niyabo?

134 Wathi, "Hlala phansi." Futhi wathola isiphunga-mpukane futhi, bangaki kini bantu baseningizimu enaziyo ukuthi siyini isiphunga-mpukane na? Qhabo? Umjaho uyaphela. Ngani, asikaze sibe nomnyango wesikrini kwaze kwaba maduze nje. Futhi wayenesiphunga-mpukane esidala phandle lapho, niyazi, futhi embhekile edla. Futhi wabulala ithole, wayesepha leNdoda isinkwa uSara ayesibhakile, namaqatha enyama yenkonyane, futhi Yaba nobisi, Yahlala lapho futhi yadla, futhi wayexosha izimpukane ngenkathi Babedla.

135 Futhi ngakho Yayilokhu ibuka ngale ngaseSodoma, futhi Yathi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?" Whewu! Bakubiza ngokufunda umqondo namhlanje, ngiqonde ukuthi, igama lesimanje abafuna ukukubiza ngalo. Yilokho abathi uJesu wayeyikho, "UBelzebule, umbhuli." Kwakungaba uhlobo olunjani lokufunda umqondo lolo na?

136 "Abrahama," wambiza ngegama lakhe lobuzwe, noma, lamazwe ngamazwe, "Abrahama, uphi umkakho, uSara?" Inkosazana! Kubuke, ukuthi kubhalwa kanjani. Futhi manje khumbulani, umBhalo wathi wayesethendeni emva kweNdoda. Futhi Wathi, "Abrahama . . . "

137 Kusobala, u-Abrahama wayeneminyaka eyikhulu ubudala ngaleyonkathi, noSara wayenamashumi ayisishiyagalolunye, ngakho bobabili base begugile impela ngokweminyaka. USara ofana nogogo omncane, niyazi, futhi—futhi babethenjiswe lengane, futhi wayeyilindile, futhi u-Abrahama enentshebe elengela phansi, eqhothile, niyazi, endukwini yakhe.

Wathi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?"

Futhi u-Abrahama wathi, "Usethendeni emva kwaKho."

138 Wathi, "Abrahama, Ngi," ngiyakuthanda lokho. U *Ngi* yisabizwana somuntu, ngakho . . . "Ngizokuvakashela, ngokwesikhathi sokuphila," aYesethembisile. Manje niyabona ukuthi Kwakungubani Lowo.

139 Futhi uSara, ethendeni, uyazi, sikubiza kanjalo namuhla, "ukuhlekela ngaphakathi," uyazi, wathi, "Mina, isalukazi,

iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, nenkosi yami," okwakungumyeni wakhe, "phandle lapho usemdala, useguge kakhulu." Ngani, njengendoda nomfazi, mhlawumbe basebengeyona indoda nomfazi iminyaka eyishumi, engamashumi amabili. Futhi ukucabanga, "Mina, isalukazi, nomyeni wami, ikhehla, futhi sizoba nenjabulo ndawonye njengabantu abasha na?" Futhi wahlekela ngaphakathi.

140 Futhi iNgelosi yathi, noma, iNdoda yathi, "Uhlekeleni uSara ethendeni, ethi lezizinto azinakwenzeka na?" Wazama ukukuphika, kodwa Wathi, "Yebo, ukwenzile."

141 Manje, ake ngiqathaze inothi elincane—elincane khona lapha, ngethemba nina bantu niyakubamba, nina bantu enikholelwa e, museni kaNkulunkulu, khona lapho uNkulunkulu wayeyombulala lowo wesifazane, ngokungakholwa kwakhe, Wayengeke azilulaze ngaye omunye umzuzu. Lowo, Lowo kwakunguNkulunkulu, qobo lwaKhe. Manje, fundani, futhi nibone uma Kunjalo . . .

142 Wena Uthi, "Kwakungumuntu." Uthi, "UNkulunkulu angayidla inyama, futhi uNkulunkulu enze *lokhu* na?" Impela kunjalo. U-Abrahama wakhuluma naYe futhi abone ukuthi aKusuye yini u-Elohim. UNkulunkulu Wazazisa Yena esemzimbeni wenyama futhi wenza isibonakaliso.

143 Nesizathu sokuthi uNkulunkulu akakuthathanga ukuphila kukaSara: Wayengenakukwenza, ngokuba wayeyingxenye ka-Abrahama, no-Abrahama wayenesithembiso. O! Niyakuthola na? O, he! Khona-ke Angeke asithathe, siyingxenye kaKristu. Niyabo, Wayezodingeka athathe u-Abrahama futhi, ngoba leyo yingxenye ka-Abrahama. Futhi ngenkathi Yena . . . SinguMlobokazi kaKristu, iBandla liyiwo, futhi khona-ke, okukuKristu, siyingxenye yaKhe. Futhi wathi Wayengeke akwenze.

144 Futhi Wathi, "Yebo, uhlekile."

145 Manje, uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Kwakuyini na? UNkulunkulu, uJehova, ebonakaliswe enyameni yomuntu. Futhi manje, uMoya oNgcwele, uNkulunkulu, ngezinsuku zokugcina, ngaphambi nje kokubhujiswa kokushiswa komhlaba ngomlilo, njengoba Wayezoshisa umhlaba eSodoma, sinabavangeli besimanje abashanela umhlaba ebandleni ngokwemvelo, noMoya oNgcwele ufikile enyameni yomuntu, iBandla, leso yisibonakaliso kwabeZizwe.

146 Ake sibuyele emuva eGalile umzuzu nje. O, yeka isikhathi ababenaso! Ngikholwa ukuthi bonke bebemememeza, "Amen," futhi. Futhi khona-ke, besingaya ku, o, uBartimewu, ukuthi kanjani uJesu, ekhuphukela lapho ebheke eKalvari, ephuma eJeriko, noBartimewu, lesosinxibi esidala esimanikiniki sihlezi lapho, futhi, ngani, Wayengeke amuzwe, ngokwemvelo.

147 Ngani, kwakukhona izinkulungwane zabantu eziMlandelayo, zimpongoloza, "Hheyi, wena ongavusa abafileyo, sinendawo yamathuna egcwele bona phezulu lapha, asikubone uza uzokwenza." Ukujikijela izithelo ezivuthwe ngokweqile kuYe, nakho konke. Ubuso bakhe bubheke eKalvari, Wayehamba.

148 Kodwa lesosinxibi esidala mhlawumbe sazi ukuthi angahle. . .Enye intombazane encane engumKristu kungahle ukuba yadlula, nomfo ompofu omdala, babemnyathela phansi, futhi wathi, "Medemu, ngitshele Ubani odlulayo na? Esani sonke isiphithiphithi na?" Kuyamangaza, lapho uJesu ekhona, kunesiphithiphithi esiningi, umsindo, omunye ungowaKhe, omunye umelene naYe.

149 Ngakho ba—bathola ukuthi lelinenekazi eliselincane lathi, "Ngani, Mnumzane ngingumlandeli waloMprofethi osemncane. Uyakholelwa emiBhalweni, awukholelwa na?"

"O, impela."

"Awu, awazi . . .? Sewake walifunda iBhayibheli, ngaphambi kokuba ulahlekelwe ukubona kwakho na?"

"Izikhathi eziningi."

"Uyayazi, iNdodana kaDavide na?"

"Yebo, Izofanele ifike."

"Lapho, Isanda kudlula."

150 Khona-ke uBartimewu kufanele ukuthi wathi, "Uma Leyo bekuyiYo, iphimbo lami, ngibuthakathaka futhi ngimdala, into kuphela engingayenza ukuthi, 'Jehova, hawukela.' O Jesu, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele!"

151 Futhi ukukholwa kwalesosinxibi kwaMmisa, njengoba nje owesifazane onomopho aMmisa ngokuthinta kokukholwa kwakhe. Ukukholwa kwalesosinxibi kwaMmisa, futhi Wama wathula. Ngingathanda ukushumayela ngalokho, kusasa ebusuku: *Futhi UJesu Wama Wathula*, kulungile, uma iNkosi ithanda.

152 Manje qaphelani, futhi Wama futhi wambiza, wayesethi, "Uthanda Ngikwenzeleni na?"

153 Ngiyakhumbula uZakewu phezulu esihlahleni. Futhi wakhuphukela lapho ukuze acashe, niyazi, wathi, "O, ngingusomabhizinisi lapha edolobheni, angisoze ngaxubana nalesosigejane sabagingqiki abangcwele," ebezwa bekhuphuka, "ngakho ngizokhwela kulesisihlahla, futhi lapho Edlula ngiyokhipha umbono wami ngaYe."

154 Nangu Eza ehamba ngaphansi kwesihlahla ngqo, niyazi, Wama, wathi, "Zakewu, yehla," ehlezi phezulu lapho namaqabunga edonswe nxazonke kuye, ukuze kungabikho-muntu ozombona. Kodwa Uyazi nje ukuthi wena ukuphi,

ungahle udonse amahlamvu eMethodisti, namahlamvu eBaptisti, nalo lonke uhlobo lwamaqabunga lukuzungeze, kodwa Uyazi khona lapho okhona, kulobubusuku.

155 Ngenkathi bese. . .Oo! Ngenkathi besaphumele lapho. . . Sizosheshisa ubufakazi bese-ke sikhulekela abagulayo. Ake sibuke umzuzu nje, sibuyele emuva, siqhubekele emuva kancane, asibuyele emuva manje, okungukuthi, bathi, "O, akabongwe uNkulunkulu!" Bonke babememeza, futhi benesikhathi esimnandi.

156 Futhi kwaheleza umoya omncane. Kwakuyini na? Kumele ukuthi uSathane wabuka phezulu phezu kwalologwadule, igquma elomile, futhi wacabanga lokhu: "Nakho lapho bekhona, futhi bahambile ngaphandle kwaKhe, manje yithuba lami."

157 Yilokho akufunayo, ukuthola iBandla. Uyazi, kamuva besimatasatasa kakhulu empeleni, uyazi. Kube khona imvuselelo ezweni lonke, isicishe ukulotha manje, imililo iyacisha. Kodwa besimatasatasa kakhulu, senza izinhlangano ezintsha kanye nemizwa emisha, futhi ngiyazibuza ukuthi ngezinye izikhathi asihambi yini ngokushesha ngaphandle kwaKhe. Niyazi, UyiZwi, kunjalo, iZwi. Hlala neZwi. UNkulunkulu angenza noma yini Afuna ukuyenza, kodwa kimi, nje, UyiZwi, inqobo nje uma kuseZwini *Lapha*, khona-ke ngiyakukholwa. Niyabo?

158 Ngakho besigijima *lapha* na*lapho*, futhi silandela yonke into, kodwa ngi—ngi—ngi. . .mhlawumbe singahle ukuba siMshiye ndawo ndawo. Ngakho masinyane nje udeveli ebona ibandla elingenaye uKristu. . .Uyazi, kubi kakhulu, ngikwe. . .Ikakhulu ngishumayele ngalokho, kodwa iningi lethu kakhulu lithanda izinhlelo zethelevishini, esikhundleni somhlangano womkhuleko wangoLwesithathu ebusuku, khona-ke sivele nje—nje, ukuthi nje ukuhamba ngaphandle kwaKhe. Sithole imali eningi, futhi sifanele sicabange ngokugqoka, nodadewethu bonke bagunda izinwele zabo, futhi bezulazula, sinohlobo lwe*mfashini*, sibuka amanye amabandla, futhi mina. . .mhlawumbe siyahamba ngaphandle kwaKhe. Niyabo?

159 Ngakho udeveli wathi, "Manje yisikhathi sami sokubathola." Yilapho anemba khona. Ngakho bayahamba ngaphandle kwaKhe. Ngakho wakhuphuka wanqamula igquma, wayeseqala ukuqhumisa umoya wakhe, "Ngizobacwilisa."

160 Futhi abafo abampofu baqala ukudonsa, bazama ukuphakamisa useyili, nemimoya yasika useyili wawa phansi. Futhi bazama ukudonsa ngezigwedlo zabo, futhi zephuka. Bazama ukujoyina ibandla elilodwa kwase-ke kuba elinye. Into yokuqala niyazi, amagxolo abo uqobo amancane ayegcwele amanzi.

161 Yileyo inkathazo namuhla. Mm, mm, mm! O, ngi—ngiyanitshela kungukuthi, Mkhulu. Futhi ngicabanga ukuthi

amagxolo amaningi amancane aqala ukugcwala amanzi, kodwa niyazi, bathola ukuthi badonsa ngenhliziyo yabo yonke ngobuqotho, ngakho akunandaba ukuthi udonsa ngobuqotho kangakanani, ufanele ube naYe. Ngakho badonsa, futhi badonsa, futhi onke amathemba lalingasekho, sebelungele nje ukufa.

162 Futhi sekuthi akube lapho manje, liyaphuma ngqo ngokomthetho futhi, ibandla elincane elake lathi lingcwele, liphilela uNkulunkulu, libuyela ngqo ezweni futhi, liya ngokuncipha liphele ngqo. Futhi uma bengeke babe nabo ku*leli*, baziphatha njengaleli, bazoya kwelinye, futhi baziphathe kanjalo. Niyabo? Ukuncipha okuncane nje, udeveli uzoqinisekisa ukuthi uyaphuma. Kunjalo.

163 Manje, sithola ukuthi konke lokhu kwakwenzeka, nawo wonke amathemba lalingasekho. Kodwa niyazi ukuthini? Nansi ingxenye enhle ngendaba: Wayengabashiyanga. Wabathumela le emvuselelweni, evayizelisa, exhawula abantu, futhi enejubili. Kodwa niyazi ukuthi Wenzeni na? Wagibela igquma eliphakeme kunawo wonke elalikhona lapho, ukuze Akwazi ukubabuka. Yilokho Akwenzile.

164 Wagibela iKalvari, baMnquma lapho, baMmbela, Wayeseqala ukugibela-ke, futhi, “Wagibela waze Wadlula ilanga, inyanga, nezinkanyezi, uJupiter, uVenus, uNeptune, noMars,” waqhubeka nje ehamba, “Wagibela waze Wadlula lendlu endala yobumba, wayesehamba egijima ekhuphuka ngoMilky White Way.”

165 Wagibela waya phezulu waze Wadlula iZulu. IBhayibheli lathi ULibukela phansi, niyazi. Uphakeme kunamaZulu. IGama laKhe lingaphezu kwakho konke okubizwayo eZulwini. Wenyukela *le* phezulu lapho, ukuze Abuke emuva futhi abone lonke izulu nomhlaba. Njengoba iculo elidala lalivamise ukuthi, “Iso laKhe likumzwilili, futhi ngiyazi Ungibhekile.”

166 Futhi ngehora ngqo lapho onke amathemba ukuthi i. . .iBandla laligcwele amanzi futhi laliphuma ngendlela engafanele, nangu eza ehamba phakathi kwabo ngqo, futhi babeMesaba. Okuwukuphela kweThemba ababenalo lokuzisindisa kulowomkhumbi owawugcwele amanzi kulesosiphepho, babesaba okuwukuphela kweThemba ababenalo, babeLesaba. Ukuba nje babewazi umBhalo! BabeLesaba, futhi bathi, “Yisipoki, ngumoya,” futhi bakhala kakhulu ngokwesaba. “Ungazihlanganisi ngalutho nakho, kungukufunda umqondo, kungumbhuli.”

UJesu wakhuluma, wathi, “Ningesabi, YiMina.” Unguye izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa lokho, anikukholwa na?

167 Ngiyakuzonda ukumisa lobubufakazi, kodwa ngi— ngingathanda ukuba thina. . .Ngiyethemba manje, njengoba sikhuleka, ukuthi Uzosinika ubufakazi obuqondene nomuntu

siqu. Ungesabi, NguYe, Ofanayo. UngumPristi oMkhulu, ohlezi ngakwesokunene soBukhosi baKhe eNkazimulweni, onokuzwelana nobuthakatha bethu. Futhi uma EngumPristi oMkhulu ofanayo ayenguYe ngaleyonkathi, Unokuzwelana nobuthakathaka bakho, futhi Uzokwenza ngendlela efanayo Enza ngayo ngaleyonkathi, ngoba UngumPristi oMkhulu ofanayo. Asikhothamise amakhanda ethu.

168 Baba oMkhulu waseZulwini, One. . . Lawo madoda amakhulu anikeza ubufakazi kithi kulobubusuku, umbhali, uMathewu, nabo bonke abangcwele abathandekayo ababegunyaziwe ukuloba leliBhayibheli . . .

169 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . usho ukuthi kunjalo, kodwa uNkulunkulu, ngikholwa ukuthi labobafundi babegunyaziwe ukuloba iZwi, ngokuba ekupheleni kweNcwadi, Lathi, "Noma ubani owengeza noma yini kuLo noma asuse noma yini kuLo . . ." ngiyaLikholwa, amathemba ami lakhelwe kulutho olunye ngaphandle kwaLokho, Nkosi, namathemba aleliqembu elincane labantu lapha, kulobubusuku. Siyabuthakasela ubufakazi babo obugcinwe nguWe, ukuthi singabufunda. Futhi sifunda Lapho ukuthi Wena uyafana.

170 Manje, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzongena, kulobubusuku, phakathi kwabantu. Futhi uNkulunkulu owayekuleyonyama efayo owakhuluma no-Abrahama, uNkulunkulu owayesenyameni efayo yeNdodana yaKhe, uKristu Jesu, sengathi lowoNkulunkulu ofanayo Angazazisa, kulobubusuku, eBandleni Alingcwelise ngeGazi laKhe uQobo, futhi uLihlanzile, futhi wahlanza indlu ekungakholweni, futhi wangena ukuze ahlale kuze kube sekupheleni kwezwe njengoba Ethembisile. NgoJesu Kristu, iNkosi yethu, ngiyakucela. Amen.

171 Manje, ngiyafika, hhayi ukuzophulukisa abagulayo, ngifikela ukuzokhulekela abantwana bakaNkulunkulu abagulayo. Mina uku- . . . UNkulunkulu uphulukisa abagulayo, nabagulayo sebevele baphulukisiwe, noma ubani uyakwazi lokho. Angizanga ukuzosindisa abalahlekile, ngiza ukuzotshela abalahlekile ukuthi sebevele basindisiwe, uma nje bezokwamukela. Ngiza ukuzotshela labo abasindisiwe, futhi ufuna lobubufakazi obubonakalayo, ukuthi bane—banesiqiniseko futhi banambitha iziphiwo zaseZulwini ngaphesheya kweJordani, ngale, njengoba amaHeberu 6 athi bayokwenza, "benziwe abahlanganyeli bakaMoya oNgcwele futhi banambitha iziphiwo zaseZulwini."

172 Uma nithanda ukukunambitha, nginikhomba eNcwadini yeZenzo, lapho uPetru ngoSuku lwePhentekoste athi, "Phendukani, yilowo nalowo futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, niyakwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele." Uma ungakaze ubhaphathizwa okwamanje, futhi usuphendukile,

kuzoba nenkonzo yombhaphathizo lapha kusasa, yehla, ukukholwe. Lapho ungena emanzini, kholwa ukuthi uNkulunkulu uzokunika uMoya oNgcwele, Uzokwenza, yilokho Akwethembisa. Angeke aqambe amanga, Uzofanele aligcine iZwi laKhe, futhi Uzokwenza. Woza ulikholwa.

173 Futhi manje, uma ugula kulobubusuku, ngithi kuwe, Lowo engikhuluma ngaye, ngenkathi Efa eKalvari, khona lapho, imivimbo evundlile emhlane waKhe, ekuboneni kukaNkulunkulu, wathenga ukuphulukiswa kwakho, usuvele uphulukisiwe.

174 Manje, banemiyalo yokubeka izandla. Ngiyacabanga, mhlawumbe, muva nje besinabazalwane bethu bePentecostal, iqembu labo, ukuba bahambe, kungcono ngingakusho lokho. Angi—ngiyena umahluleli wamuntu, ngoba lokho, niyazi, ngicabanga ngokubeka izandla, nokuphana iziphiwo, niyabo, iziphiwo nokubiza kungaphandle kokuphenduka, niyabo, bagcotshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe ukuba babe kulezozinto, niyabo.

175 Singahle sibabone, futhi sibeke izandla zethu phezu kwabo, njengoba uPawulu enza kuThimothewu lapho, ukukugunyaza. Futhi ukwazi ukuthi yena, isiphiwo sasikuye, basibona sisebenza, futhi bavele bamnike isandla sokunene senhlanganyelo, njengokuthi, ukumngenisa enkonzweni kaNkulunkulu. Futhi yilokho kuphela esikwenzayo, ngokubeka izandla zethu kwabagulayo uma begula, ngoba, uJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Hhayi ukuthi abantu lapha. . .Abantu abakholwayo babeyobeka izandla zabo phezu kwabagulayo, njengokugunyazwa ukuthi bayakukholwa.

176 Manje, kodwa ngikholwa ukuthi uJesu Kristu ulapha, Ngikholwa ukuthi Ulapha ngawo wonke amandla, nakho konke Ake waba yikho emhlabeni, into kuphela ehlukile nguMzimba wenyama ohlezi esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu. Futhi lokho kulapho njengomnikelo wakho wokuthula, kulapho isiqiniseko sakho sokuthi konke aKufelayo, unakho, uma uzokwamukela futhi ukukholwe. Kukholwe.

177 Manje, ngikholwa ukuthi indodana yami ithe ikhiphe amakhadi omkhuleko. Ngokwejwayelekile, ubusuku bokuqala obumbalwa phezulu lapho, sasingenawo amakhadi omkhuleko, futhi ngokujwayelekile asinawo, kodwa uthe abantu bebecela amakhadi omkhuleko, futhi wakhipha amakhadi omkhuleko. Ngabe abantu phakathi lapha banamakhadi omkhuleko na? Asibone. U—uyawaxuba ndawonye, futhi anikeze noma ubani ikhadi lomkhuleko owafunayo.

178 Noma ubani oke waba semihlanganweni ngaphambilini, uyazi ukuthi baningi kakhulu abaphulukiswayo ezethamelini kunoma ekhona emsamo. Awudingi ukuba ube nekhadi

lomkhuleko, kungukuthola umuntu nje phezulu lapha ukuba abakhulekele, yilokho kuphela. Manje, ngizoza ngikhuleke, kholwani.

179 Manje, uphi uBilly na? Ingabe ungenile na? Imaphi amakhadi omkhuleko awakhiphile na? Angazi. Bekuyini na? Ngabe ukhona onekhadi lomkhuleko lokuqala na? Ake sibone ukuthi likhona elinjalo lapha. Ikhadi lomkhuleko inombolo yokuqala. Ingabe ukhona onalo na? Phakamisa isandla sakho. Ikhadi lomkhuleko inombolo yokuqala. Awu, mhlawumbe akukaze . . . Mhlawumbe uqale kwenye indawo-ke. Ikhadi lomkhuleko inombolo yokuqala. Akekho onekhadi lomkhuleko inombolo yokuqala na? Elesibili. Ubani onekhadi lesibili na? Awu, khona-ke uqale lapho-ke. Kulungile, Mnumzane.

180 Ikhadi lomkhuleko lokuqala, elesibili, elesithathu, sukuma. Manje, kungahle . . . Qalazani ekhadini lomunye umuntu, kungahle kube ngumuntu oyisithulu futhi ongezwa, niyabo. Banekhadi lomkhuleko lokuqala, elesibili, nelesithathu. Manje, ngibona umuntu oyedwa kuphela omile. Owokuqala, owesibili, owesithathu. Ngibona lona. Ubani elakho na? Elesithathu. Nanti elesibili. Iphi inombolo yokuqala na? Awu, uma bengangeni . . . Uthini? Kulungile. Woza. Yebo, Mnumzane. Ya. Kulungile lokho. Kulungile, Mnumzane.

181 Elokuqala, elesibili, elesithathu. Manje, khuphukani ngapha, uma nithanda, nina nonke eninamakhadi omkhuleko wozani khona lapha, elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, sukuma. Elesine, elesihlanu, elesithupha, kulungile, thatha indawo yakho khona lapha. Elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, elesishiyagalolunye. O, kulungile. Elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye. Angicabangi ukuthi sizoba nendawo enkulu kakhulu lapho, ukumisa abaningi kakhulu. Elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi, eleshumi nanye. Emuva le ngemuva. Eleshumi nanye, eleshumi nambili, eleshumi nantathu, eleshumi nantathu. Ikhadi lomkhuleko inombolo yeshumi nantathu.

182 Angifuni ukugeja noma ubani, ngoba sifuna ukukhulekela wonke umuntu onekhadi lomkhuleko, niyabo, futhi bayafika futhi bathole ikhadi lomkhuleko. Kodwa ungathathi—ungathathi ikhadi lakho, uhambe, futhi ungabuyi, uyabo, othile ubefanele abe nalo.

183 Ikhadi lomkhuleko leshumi nantathu. Sizolinda umzuzwana nje, mhlawumbe ngumama onengane, noma okuthize, noma kudingeke aphume, noma okuthize, angahle abuye emzuzwini.

184 Sizoqala khona lapha-ke, futhi siqale kulokhu okuningi, futhi sibakhulekele, size si . . . Bangaki ongekho na? Bonke lapho, kuze kufike eshumini nantathu na? Uthini? Inombolo yeshumi

nantathu ayikho. Awu, sizobamba khona lapho manje, baze bangene.

Kulungile, Mnumzane. Makuthi. . .Mfowethu Bigby, uma uthanda. . .Manje, yemukela amakhadi abo omkhuleko ezansi lapho, Mfowethu Bigby, uma uthanda. Kulungile.

Manje, yenyuka ngapha, Mnumzane. Yima nje khona lapho, umzuzwana nje.

185 Manje, ngikholwa ukuthi indoda iyisihambi kimi. Thina, asazani, kodwa, ngokwazi kwami. Iyisihambi kimi. Futhi asazani, kodwa iNkosi iyasazi sobabili, aYisazi na? Ya.

186 Futhi bangaki phandle lapho, abangenawo amakhadi omkhuleko, kodwa nokho uyakholwa ukuthi uJesu uzokusindisa, ufuna ukuthi Akuphulukise na? Phakamisani izandla zenu. Kuqinile nje. Manje, awudingi ukuba nekhadi lomkhuleko. Ngizokusho lokhu: Yenza njengoba owesifazane enza e. . .owayenomopho. Uyazi, wayengenalo, besingakubiza, sithi, ikhadi lomkhuleko, kodwa wavele wacindezela indlela yakhe waze wathinta ingubo yaKhe. Niyakukhumbula lokho na? Futhi kwaMmisa.

187 Manje, Akakuzwanga ngokwenyama, ngoba ingubo yasePalestine ikhululekile. Futhi wonke umuntu nokwabo. . . Ngani, uPetru waze waMkhuza, wathi, "Nkosi, kungani Ungasho into enjengaleyo na? Ngani, wonke umuntu uyaKuthinta."

188 Wathi, "Kodwa ngiyabona ukuthi Ngibe buthakathaka." IKing James, "amandla aphumile," okungukuthi, *amandla* nga "mandla okuqina." Futhi, "Ngibe buthakathaka," futhi Waqalaza phezu kwezethameli waze Wathola owesifazane othinte ingubo yaKhe, futhi Wamtshela ukuthi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile, ukopha kwakhe kwase kunqamukile. Ngabe kunjalo na?

189 Manje, lalela umzuzwana nje manje, kuzokwenzela okuhle ngempela. Manje, ingabe umBhalo uyasho ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, naphakade na? Ngiyacabangela ukuthi *lona* ngabefundisi. Manje, ingabe imiBhalo iyasho, eNcwadini yamaHeberu, ukuthi UngumPristi oMkhulu manje na? Uhlala ephilela ukunxusa, niyabo, futhi Unokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Awu, manje-ke uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, futhi uma ungaMthinta. . .

190 Uthi, "Mfowethu Branham, ngizokhuphuka futhi ngithinte uMfowethu Bigby." Awu, lokho kungaba kuhle ukukhombisa inhlanganyelo yakho, noma uthando lwakho kuMfowethu Bigby. "Mfowethu Branham, ngizoza ngikuthinte." Awu, lokho kungabakuhle, kodwa awekho amandla kithi, singamadoda, noma yimuphi walababefundisi lapha, singamadoda, ngakho ngeke kusize ngalutho ukuza lapha. Kodwa kungani ungakhumbuli nje ukuthi uvuke kanye naYe na? Futhi

uhlezi kanye naYe, umkhandlu kaNkulunkulu, uKristu, uhlezi noKristu manje, lonke igunya linawe ngqo. Ngakho kungani wena ngokukholwa ungathinti nje ingubo yaKhe na?

191 "Nkosi, nginesidingo, ngiyagula, futhi, Baba Nkulunkulu, mangiKuthinte kulobubusuku, ngiyaKukholwa. Futhi uMfowethu Branham ubekade esixoxela umdlalo wasesiteji omncane, kodwa bekuyiqiniso, umdlalo wasesiteji ubuyilo, futhi waphonsa imiBhalo embalwa lapho ekhombisa ukuthi Wena uyafana, futhi Ufanele ufane. Ngakho uthi Ulapha ngesimo sikaMoya ukuze usebenze namuhla, njengoba Wethembisa ngaphambi kokubuya futhi, ukuthi Uyoba *njalo*. . ."

192 Niyazi, kunomehluko phakathi koku *bonakala* kukaKristu noku*Fika* kukaKristu, lawo ngamagama amabili ahlukene ngokuphelele. Uyabonakala manje eBandleni laKhe, siyaMbona, siyazi ukuthi nguYe. NguMoya oNgcwele, niyabo, siyazi ukuthi nguYe.

193 Manje, siyakholwa ukuthi uMoya oNgcwele unguNkulunkulu, sonke siyakwazi lokho. Fa-. . .njengoYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, asikholwa ukuthi kukhona oNkulunkulu abathathu, sikholwa ukuthi kunezikhundla ezintathu zikaNkulunkulu ofanayo. UYise, neNdodana, noMoya oNgcwele yizikhundla ezintathu uNkulunkulu ofanayo asebenze kuzo. Yingalesosizathu uJesu athi, "Bhaphathiza, usebenzisa iGama," isihloko, "uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele," niyabo, okungukuthi azisho, "onkulunkulu abathathu," kodwa zisho ukuthi, "uNkulunkulu oyedwa ezikhundleni ezintathu," uNkulunkulu ofanayo, oNkulunkulu abathathu bekuyoba ngabahedeni, niyabo, kodwa Kungu—KunguNkulunkulu oyedwa, Kusezikhundleni ezintathu.

194 UbuBaba, hhayi ngisho i—isilwane esasingathinta intaba, sasifanele sikhandwe ngamatshe, noma sisikwe ngo—ngomkhonto. LeyoNsika yoMlilo enkulu, khona-ke leyoNsika yoMlilo yenziwa inyama futhi yakha phakathi kwethu. Kuyini na? uNkulunkulu, ezehlisa; samuzwa uNkulunkulu, sathinta uNkulunkulu, uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni phakathi kwethu. UJesu wathi, "AkuMina owenza imisebenzi, NguBaba waMi, Uhlala kiMi."

195 Khona-ke Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi ngiya kuNkulunkulu." Khona-ke Wa—Wafa, wabethelwa esiphambanweni, wavuka ngosuku lwesithathu, futhi ngemva kokwenyuka kwaKhe, UPawulu wayesendleleni yakhe eya eDamaseku, ngolunye usuku, ukuyobopha amaKristu, futhi leyoNsika yoMlilo efanayo yawa phambi kwakhe, yaze yavala amehlo akhe. Bonke abanye abaYibonanga, kodwa Kwakuyiyo ngempela kakhulu kuye Yamenza waba yimpumputhe. Futhi wathi, "Nkosi, UnguBani na?"

Futhi Yathi, "NginguJesu."

196 Futhi uma lowoNkulunkulu ofanayo, uMoya oNgcwele, esebenza phakathi kwethu, khona-ke Uyazibonakalisa enyameni yethu, njengoba Enza ngaleyonkathi. “Ngakho ngiyakukholwa, Nkulunkulu. Manje, ngikhuluma kini njengekholwa. Manje, Wena phendula ngendlela Owenza ngayo ngeBandla laKho.” Ngani, nguYe Lowo, lapho Ukhuluma ngezilimi ezingaziwa, futhi bayakuhumusha, futhi bakhuluma iqiniso, Lowo nguNkulunkulu, Lowo nguNkulunkulu kuwe. Niyabo?

197 Niyabo, konke lokho uNkulunkulu ayeyikho Wakuthululela kuKristu, konke uKristu ayeyikho Wakuthululela eBandleni, ngakho nguNkulunkulu phezu kwethu, uNkulunkulu enathi, uNkulunkulu kithi, niyabo. Niyabo? Manje, kholwani nje, futhi nibuke *ngapha*, futhi nithi, “Nkosi Jesu, ngiyakholwa,” futhi uNkulunkulu uzothumela uMoya waKhe wehle, futhi nibone ukuthi Akenzi yini ngendlela efanayo Enza ngayo emuva lapho.

198 Manje, yibani nenhlonipho nje. Ningabi nje. . .Ngifuna nidumise uNkulunkulu, kodwa lapho nisondela kulezizinto, woza ngenhlonipho ngempela.

199 Manje, nansi indoda, futhi nali iBhayibheli lami, angikaze empilweni yami ngiyibone lendoda njengoba ngazi ngakho. Kungahle ukuba ibisemhlanganweni ndawana thize, futhi mhlawumbe ayikaze ingibone. Uma bekunjalo, bekuyindawo ethize lapho ebikade esemhlanganweni, noma ndawondawo, futhi mhlawumbe ingibone, noma. . .Wake wangibuka ngaphambilini na? Awukaze ungibone empilweni yakho. Lokhu ukuhlangana kwethu kokuqala.

200 Manje, uma. . .Indoda, kungenzeka ukuthi iyagula, ingahle ukuba imele omunye umuntu lapho, ingahle ukuba inezinkinga zasekhaya, ingahle ukuba inezinkinga zezimali, ingahle ukuba ingumkhohlisi. Futhi uma inguye, bukani ukuthi kwenzekani. Niyabo? Bukani nje, niyabo. Angazi. Kodwa uma uMoya oNgcwele ungafika lapha, futhi utshele izihambi ezimbili, uyitshele into okukade kuyikho, noma okuthize ngayo, noma ukuthi izele ini lapha, futhi izokwazi noma ngabe kuyiqiniso noma qha, izo—izokuqinisekisa lokho. Bese kuthi-ke, uma Ingayitshela obekuyikho, impela ibiyokholwa, uma ubungayitshela ukuthi bekungaba yini. Impela. Niyabo? Yingakho sinethemba eBhayibhelini. Niyabo? Niyabo? Yiqiniso.

201 Futhi ngiyazibuza ukuthi nibangaki nina zihambi, kulobubusuku, abagogobeleyo lapha edolobheni, nasezindaweni ezizungezile, ongakholwa, futhi azi ukuthi bekungeke kwenzeke kimi, indoda, ukwenza lokho na? Ngani, impela, bekunganjalo, uma ukahle ngokwengqondo, ubungakukholwa. Niyabo? Akunakwenzeka neze. Ngakho kuzofanele kube khona uhlobo oluthile lwamandla okwenza lokho, niyazi ubeyokwenza. Awu,

manje, kuya ngokuthi ucabanga ukuthi yimaphi amandla, ukuthi umvuzo wakho uzovelaphi. Niyabo?

202 Manje, abaFarisi bathi, lapho bekubona, "UBelzebule," kodwa abakholwayo bathi, "YiNdodana kaNkulunkulu." Manje, siyazi ukuthi umBhalo ukuthembisile ngalolusuku lokugcina, akunjalo na? Wakwethembisa, siyazi.

203 Lalelani lababefundisi lapha bethi, "Amen." Niyabo? Labo ngabelusi bezimvu benu, bayazi ukuthi bakhuluma ngani. Niyabo? Bayakwazi. Futhi ngingumfowabo, isakhamuzi esikanye nabo soMbuso, ngisebenzela uMbuso kaNkulunkulu. Bangabefundisi basesontweni, izikhulumi, abashumayeli abanamandla abakhulu, Angiyena, lena yinkonzo yami, lokhu yilapho ngenza ukushumayela kwami, ngesiphiwo nje. Futhi ngibathanda kahle ngempela abantu, futhi iNkosi ingivumele ngishumayele kubo ngalendlela.

204 Manje, uma uMoya oNgcwele uzosho lezizinto, futhi wenze lokho, uzokwenelisa yini, wonke umuntu, ukuthi uJesu Kristu uyaphila namuhla, futhi Ulapha futhi na? Bekuzokusiza, bekungeke yini, Mnumzane na? Impela kwamsiza uNathanayeli, wayeyikholwa, ngoba akunandaba ukuthi noma yimuphi omunye wabo wayethini, ngempela kwasebenza kuye, futhi wayazi.

205 Akwenzanga mehluko ukuthi abantu ezansi eSikhari bamkholwa lowo wesifazane noma qha, wayenolwazi, wayekwazi, Wamtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe.

206 Uyayazi inkathazo yakho, umphimbo wakho. Yiqiniso. Lokhu kungahle kukusize: Uyafuna lowomphimbo, ngoba ungumshumayeli. Kuzolunga. Qhubeka. Kuzolunga.

Impela uNkulunkulu uyabathanda abantu baKhe.

207 Sawubona, Dadewethu? Manje, uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Amen. Nasi isithombe futhi, ebengikhuluma ngaso, kukhona owesilisa nowesifazane abahlangana okokuqala, ngiyacabanga. Siyizihambi omunye komunye. Ngakho uma abantu emuva ngemuva bengahle bengakwazi ukukubona unqekuzisa ikhanda lakho, ungasiphakamisa nje isandla sakho, ngenkathi ngithi, "Siyizihambi komunye nomunye"? Angikwazi, nawe awungazi.

208 Manje, nasi isithombe esifana nomthombo eSamariya, lapho iNkosi yethu yayihlezi khona, futhi owesilisa nowesifazane bahlangana okokuqala ngqa ekuphileni. Angimazi, akangazi. Ungowesifazane nje, wehla esikhashaneni esedlule. Futhi—futhi kungenzeka ukuthi uphakamise isandla sakhe, nomfana wamnikeza ikhadi lomkhuleko, futhi, ngapha, futhi, kwenzeka ukuthi umi lapha emgqeni, yilokho kuphela okulapho kukho.

209 Manje, okulandelayo kufanele kube nguNkulunkulu. Kodwa uma enguNkulunkulu ofanayo, futhi Ekini, futhi Ukimi, futhi

izimpilo zethu zingcwelisiwe kuYe, futhi Unikeze isiphiwo ukuthi ngivele ngizinikele kuYe, bese kuthi-ke Ungikhombisa umbono, futhi khona-ke ngizothi, ngenkathi nje umbono usaqhubeka, ukuthi kwenzekeni, futhi uzokwazi ukuthi kuyiqiniso noma qha. Ngicabanga ukuthi omunye osanda kudlula bekungowesilisa, owesifazane lona. Niyabo? Khona-ke nizokwazi.

210 Into yokuqala, inenekazi lihlushwa udaba olubi lwemizwa, linokwethuka ngempela. Line, uhlobo lwe, izifo ezilakanyanayo, izinto eziningi ezilikhathazayo. Manje, lelo yiqiniso, akunjalo na? Uma lokho kuyiqiniso, phakamisa isandla sakho, ukuze abantu babone.

211 Ngibamba lowo moya ofanayo njalo, uthi, "Ukuqagelile." Angikuqageli lokho, bangane, lokho akusikho ukuqagela. Manje, niyakhumbula, ngibamba imicabango yenu. Niyabo? Niyabo? Ngangivame ukubabiza, abaningi benu bayakwazi, khona-ke kulimaza imizwa. A-hha. Niyabo? Bangaki obekade esemihlanganweni, futhi ubona owesifazane namadoda, ekhipha indoda khona kanye emhlanganweni, na*lona* lapha, futhi bafakazisa ukuthi babephila ngokuphinga na? Nikubonile konke lokho, nakho konke okwenzekile. Niyabo? Kodwa ufanele ubheke. Nginokuhlakanipha okuncane okwengeziwe kusukela lapho, niyabo, ngoba uJesu wathi ukhula nezinto makukhule kanyekanye, niyabo.

Lona ngowesifazane olungile, unomuzwa omuhle emoyeni wakhe. Ngenkathi esenalokho, ake sibone ukuthi bengiqagela yini.

212 Ngikhohliwe. Wathi, o, yebo, ngiyakubona manje: "uyethuka, uphatheke kabi, ukhathazekile." Ya, ukhathazwe yinto embi ngempela, wesaba umdlavuza. Kunjalo. Futhi lowomdlavuza use, hhayi phakathi nendawo, usebeleni lakho lesobunxele, kunjalo. Uyawesaba, akunjalo na?

213 Ukhathazekile ngomunye futhi. Uyafuna ngikutshele na? Ingabe kulungile na? Indodakazi yakho. Ufuna ngikutshele ukuthi yini engalungile ngayo na? Ine—nesimo segazi. Isibe naso isikhathi eside, umopho. Kunjalo. Uyakholwa manje na? Uyakholwa ukuthi u, uma ubuyela emuva, uzoyithola ikahle na? Hamba ukholwa. Ungakwenzi . . . Yiba nokukholwa . . .? . . . Kunjalo . . .? . . .

214 Amen. Niyabo? Unobufakazi. Manje, awuziqageli lezozinto, mngane. Ungangabazi nje manje, ungangabazi.

215 Ngaphambi kokuba ngiqale umugqa womkhuleko, niyazi, ukukhulekela abantu . . . Ngicabanga ukuthi lokho cishe okubili, okuthathu kungufakazi, noma, isiqinisekiso; ngicabanga ukuthi kunjalo, akunjalo na?

216 Inenekazi elihle limi lapha, siyizihambi omunye komunye, ngiyacabanga. [Udade uthi, "O, qhabo, ngangisemgqeni wakho

womkhuleko, ngenkathi ulapha ngaphambili."—Umhl.] O, wawuse, awu, emgqeni womkhuleko ngenkathi ngangilapha ngaphambilini. Awu, kusobala, bengingeke ngikwazi lokho, uyazi, izinkulungwane eziningi kangako. Angazi ukuthi ungubani, noma ukuthi uzele ini lapha, noma lutho okufana nalokho. Kunjalo. Bengingeke ngazi, kodwa Yena uyazi.

217 Uma Ezokwembula kimi, uzokwemukela ukuphulukiswa kwakho-ke na? Awu, uma uzokukholwa ngenhliziyo yakho yonke, nawe unokwethuka, kanye nezifo ezilakanyanayo, nokuphatheka kabi, kodwa angeke udingeke ube nalokho kuhlinzwa kwalelothumba ohlangothini lwakho, lizokushiya, uma uzokukholwa. Uzokukholwa na? Hamba ngendlela yakho, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu." Kholwa ngenhliziyo yakho yonke. [Udade uyabuza, "Awume, okwamanje angeke kudingeke ukuthi ngihlinzwe na?"—Umhl.] Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho yonke, angeke udingeke ube nakho, qhabo, uma nje uzokukholwa. Niyabo, lokho ukukholwa kwakho manje. Niyabo? Ngi . . . Yiba nokukholwa nje, ungangabazi.

Sawubona, Nenekazi? Siyizihambi omunye komunye na?

218 Umzuzwana nje. Lowo ngowesifazane ohlukile. Manje, yiba nenhlonipho nje futhi ukhuleke. Khumbula nje, unawo, ungaba nemicabango emibili kuphela engqondweni yakho. Futhi ngiyabonga uqinisile ngamaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye, uyabo, uyakholwa ukuthi nguNkulunkulu, futhi nguNkulunkulu. Umzuzwana nje. Cabanga nje iNkosi yethu, Leyo esizoyithanda, futhi sihlangane, futhi sikhuphuke ukuyoYihlangabeza, si (Niyazi, waphuma ngesikhathi sokuhlwa ukuba ahambe emasimini, futhi uRebeka omuhle wayengakaze ambone, wezwa nje ngaye. Wagxuma ekamelini, futhi wagijima ukuyomhlangabeza.) Isivele, mhlawumbe, iyishiyile iNkazimulo yaYo endleleni yaYo eyehlayo, sisendleleni yethu ukuyoYihlangabeza manje, sedlula ngqo senyukela ezweni laseKhanani.

Kukhona okwenzekile ezethamelini, omunye wesifazane ubonakele lapha, hhayi lona wesifazane.

219 Yebo, ngiyambona manje, ehlezi emuva lapho ekhuleka. Ungesabi, uzoba kahle. Imilenze yakho iyakukhathaza, ngoba ubusengozini yemoto. Ugqoke ingubo eluhlaza-satshani, futhi bekungumbala oluhlaza-sathani ohlukile kulona, ngakho nakho lapho okhona. Ungakhathazeki, uzoba kahle.

220 Angilazi inenekazi, siyizihambi. UMoya, lokho kuKhanya kulenga ngasenenekazini, Kubonakale kuwelela enenekazi elilandelayo elihlezi ngakulo. Qhabo, akusilo lelonenekazi, likhulekela umntwana walo, yintombazane encane enenkathazo yesisu, ebhekene nokuhlinzwa. Leso isandla salo esiphakeme, sibeke phezu komntwana, lapho.

221 Baba waseZulwini, sengathi amandla kaNkulunkulu uSomandla, okungukuthi manje, owazi imfihlo yenhliziyo . . . Nkosi, bayazi ukuthi bengingeke ngikwazi ukuphulukisa, ngoba Usuvele ukwenzile lokho, kodwa uBukhona baKho kubenza bakholwe, Nkosi. Futhi uma lowo wesifazane wayenokukholwa okwanele okwathinta ingubo yaKho ukuKudonsela emuva lapho, impela leyongane izoba kahle. Ngikumemezela ngalendlela, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Yiba nokukholwa nje.

222 Leyondoda ehlezi ngapheseya, cishe ngisho nalapho abakhona lapho, enaleyonkathazo yeqolo, ehlezi lapho: Mnumzane, uma uzokukholwa ngenhliziyo yakho yonke (Ithi ukukhala izinyembezi, ibuka.), uma uzokholwa, inkathazo yakho yeqolo izokushiya, uzoba kahle. UNkulunkulu akubusise. Konke sekuphelile manje, ungaya ekhaya, uphile.

Ucabangani na? AKamangalisi na? Hhe, Uyamangalisa impela.

223 Siyizihambi komunye nomunye. Nakho futhi, a—akusikho lokhu, o, ngukuthi, umele omunye umuntu onenkathazo yomlenze, ngudadewenu, yilokho okuyikho. Ya. Kunjalo. Ngibone imilenze, nabantu ukuthi . . . Ya, ufuna eze ebandleni, mlethe, a—akakwazi ngisho ukugqoka izicathulo zakhe nezinto. Uyakholwa na? Buyela emuva, futhi umthole ngendlela wena . . .

224 Uyakholwa uMoya oNgcwele ongenaphutha, uNkulunkulu, uBaba wethu na? Uyakhazimula, uyamangalisa, iNkosi yethu. Kodwa thina, sifanele siMkholwe ngenhliziyo yethu yonke, yileyondlela kuphela esingathola ngayo izibusiso zethu kuYe, ngukuMemukela, ukuMkholwa.

225 Sawubona? Ngicabanga ukuthi siyizihambi omunye komunye, uNkulunkulu uyasazi sobabili. Uyakholwa ukuthi lowomuzwa onawo manje . . . ? Manje, bekungeke kube khona umuzwa ofana na*lowo* ovela kimi. Uyabo, angeke ngi—ngikwazi ukukuchaza lokhu, kufana nelinye izinga, kodwa ngakuwe ngqo manje, ngukuKhanya, Lokho nonke eninakho lapha esithombeni. Yilokho okumenza azizwe ngaleyondlela, ukuma ngasendodeni bekungeke kukwenze lokho. Niyabo? Manje, Kuyahamba phakathi kwami nawe.

226 Yebo. Wena ulapha, futhi uyagula ngempela, unenkathazo yenso ekukhathazayo. Futhi inkathazo yakho ngukuthi, ukuthi izinso zakho ze—zehlulekile ukusebenza, ukulahla ubuthi, futhi kunqwabelana futhi kuyakukhathaza. Kunjalo. Uyakholwa na? Awusiye owalapha, ungowase-Charleston. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? AKamangalisi na? Lalela, Pearl, qhubeka ngendlela yakho.

Uyakholwa na?

227 Uyasiphulukisa isifuba somoya futhi, uyakukholwa lokho, awukukholwa, Dadewethu na? Amen. Hamba ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi ungaba nakho okucelayo. Amen. UNkulunkulu akubusise.

Isifo sikashukela asilutho kuNkulunkulu ukuba akuphulukise. UnguMphulukisi wangempela, aKasuye na? Amen. "Uma ukholwa."

Isifo samathambo sikhubaza abaningi oyedwa, kodwa uma uzokholwa, ngeke kukukhubaze, amen, uma nje uzokholwa.

Yiba nokukholwa nje. Uyakholwa na?

228 Awuzange ukuzwe okushiwo komunye wesifazane, kodwa isifo samathambo. Angakuphulukisa nawe. Uyakukholwa lokho na? Kulungile, qhubeka ngqo nje, uthi, "Ngiyayibonga iNkosi uJesu." Amen.

Manje, Mfowethu, uyakholwa na? Hamba-ke udle isidlo sakho sakusihlwa khona-ke. Yidla okuthile, leso silonda esingaphakathi esidala sizokushiya futhi ungaya ekhaya, uphulukiswe.

229 Uyakholwa na? Inkathazo yeqolo, inso. Uyakholwa ukuthi izokushiya na? Khona-ke hamba ngendlela yakho, futhi uqale nje ukujabula, futhi uthi, khona-ke, "Makabongwe uNkulunkulu," uma ungakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, kodwa ufanele ukholwe.

230 Umzuzwana nje. Okuthile ndawana thize. Insizwa encane kunalena, kumele ukuthi ibisezethamelini. Lapha, linda. Ya, wena osanda kugxuma, ukushwashwada. UNkulunkulu anganikeza ukuphulukiswa ekushwashwadeni, uma uzokukholwa, uma nje uzoba nokukholwa.

231 Wena lapho ophakamise isandla sakho, inenekazi laphaya ekugcineni elinomdlavuza ebeleni lakho lesobunxele, phakamisa isandla sakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakusindisa futhi akuphulukise na?

Kulungile, Mnumzane. Uyakholwa ukuthi Ukuphulukisile ngaleyonkathi na? Hamba ngendlela yakho, futhi ujabule, futhi ujabula, uthi, "Ngiyabonga."

232 Masiqhubeke nobufakazi bethu. AKamangalisi na? Angaqamba amanga na? Impela ngeke. "Ningesabi, YiMina." Kungani ungaMmemeli esikebheni esincane kulobubusuku na? ingabe Uyagula na? Phakamisani izandla zenu, bantwana. Phakamisani isandla senu, nina makholwa. Manje, yehliselani nje izandla zenu phezu kothile oseduze nawe, uthe ubuyikholwa.

233 Manje, Lowo, OnguNkulunkulu wethu neNkosi yethu, Olapha nathi kulobubusuku, usinikeze isiqiniseko sokuthi uma bebeka izandla phezu kwabagulayo bazosinda. Uyakukholwa lokho na? Ingabe uyesaba na? Ingabe uyesaba na? Noma uyaMthanda na? Uyakholwa ukuthi nguYe na? Khona-

ke Mmeme angene, uthi, "Ngena kimi, Nkosi Jesu. Ngena enhliziyweni yami, kulobubusuku, Ngi—ngifuna ungihambise ngokuphepha kuloluhambo, futhi ngizophila."

234 Manje, khulekela umuntu obeke izandla zakho kuye. Ungazikhulekeli wena manje, vele ukhulekele i. . .Leyondoda iyakukhulekela, wena khuleka nje. . .Ngizoqedela amakhadi kusasa ebusuku. Beka izandla zakho. . .Noma ungahle ungadingeki ube nalo ikusasa ebusuku. Beka izandla zakho phezu komunye nomunye, futhi uzoya ekhaya, uphile.

235 Baba wethu waseZulwini, siletha kulezizethameli, uJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade. USathane uphephethile umoya wakhe, uzame ukutshela abantu. . . Izikhathi eziningi, abantu bazikhiphe ngemigwaqo engalungile. Kodwa, kulobubusuku, thina, siqinisekile ukuthi lobu nguBukhona baKho, futhi Uyabatshela, "Ningesabi, YiMina, ningesabi."

236 Ngibeka izandla zami phezu kwalamaduku abekwe lapha, ngabagulayo nabasosizini. O Nkulunkulu, sengathi amandla kaNkulunkulu angasola wonke udeveli obophe lababantu, naphakathi kwabantu.

237 Futhi Sathane, wena ongakholwayo, angeke ubambe lababantu, angeke ukwazi ukubenza bangaphinde bakholwe. Bayazi ukuthi iNdodana kaNkulunkulu ivusiwe kwabafileyo iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, nokuthi uBukhona baYo bulapha manje, esimweni sikaMoya oNgcwele. Ngeke usabagcina begula, angeke ubagcine kanjena. Phuma kubo, eGameni leNkosi uJesu, phuma kubo bonke ukuze baphiliswe.

238 Babeke izandla phezu komunye nomunye, bangabakholwayo, Jesu, Wena wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla phezu kwabagulayo bayakusinda." Yisithembiso saKho, Nkosi.

Phuma, Sathane, futhi ukhulule lababantu.

239 Bonke abakholwayo, futhi yemukela ukuphulukiswa kwakho kuKristu, vele uphonse phansi ikhadi lakho lomkhuleko, futhi ume ngezinyawo zakho, futhi uthi, "Angesabi, Nkosi, NguWe, futhi ngiyaKwemukela." Uma uzokwenza lokho ngokukholwa, uzakwamukela ukuphulukiswa kwakho, uma ungakukholwa. Kukholwe nje.

Uyakukholwa na? Khona-ke sukuma ngezinyawo zakho futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Ngiyaninika. . .?. . .

